


I Sonto lamaShumi

ayisiKhombisa LikaDanyeli

 Ngiyabonga, kakhulu, Mfowethu Neville. Sanibona ekuseni, bangane. Kuyinhlahlala ukubuyela lapha etabernakele futhi kulokhu ukusa, ukuqhuba loMlayezo omkhulu esikhuthalele ukuwuchaza, leli *Sonto lamashumi ayisiKhombisa likaDanyeli*. Futhi siyajabula ukubona abaningi kangaka bephumele ukubuthana ngalolusuku olushisayo, kepha nokho siyaxolisa ukuthi asinayo indawo yokuhlala. Ukubona abantu kuminyenwe ndawonye kanjalo futhi bemi emaceleni, kwenza ukungaphatheki kahle. Futhi ningathokomali njengoba nifanele, kwenza kubelukhuni kini ukukuqonda. Kodwa sizokwenza konke esingakwenza ukukwenza kusheshe.

² Futhi—futhi, namhlanje, ngethemba ukuthi nizowenza, uma ngilibala kancane, ukuthi nizongixolela, ngoba lesi yisikhathi sokushayelwa phansi ngesipikili kwaloMlayezo, sona impela isikhathi sokuwubethelela phansi ngesipikili. Siwubeke ngezinhlelo ezintathu ukuze siqiniseke ukuwuthola.

³ Manje, kusobala, i—ibandla elibonakalayo liyazi ukuthi lena, noma lo iMlayezo, iyateyishwa. Futhi ithunyelwa emhlabeni jikelele. Ngokwenzeka ngempela zonke izizwe ziyawathola lamateyipu umhlaba jikelele. Futhi ngithanda ukusho lokhu kubalaleli beteyipu, noma ngabe nikuphi, ukuthi ukuyiphi ingxenye yomhlaba, ukuthi kungahle kubekhona izinto ezithize phakathi lapha eningahle ningavumelani ngazo nami ezifundisweni engi—ngizenzayo. Kodwa ngithanda ukukubeka, bazalwane, mhlawumbe, ukuthi uma ningakuchaza ngendlela enakubona ngayo, kungahle kwehluke kulokho engikukholwayo. Kodwa, ngingajabula ukulalela lokho enizokusho.

⁴ Futhi kunomcabango ukuthi ngethule lemiLayezo, evela e... Zwini likaNkulunkulu, enhliziyweni yami. Kungokokwakha iBandla, kwalo lonke iBandla, iBandla emhlabeni wonke; iBandla likaKristu, emhlabeni wonke. Futhi ngikholwa ngempela ukuthi siphila osukwini lokugcina. Nenkuthalo yami ekuchazeni lokhu, kepha nokho ngingazami ukukwenza, ukukuphusha, ngendlela eyodwa noma ngenye. Angikaze ngibe necala, njengokwazi kwami, lokwenza lokho.

⁵ Izikhathi eziningi abantu bezwa emateyipini, futhi bathi, “Awu, angivumelananga nalokho. Ukuthi nje akasazi isifundiso sakhe, akawazi umBhalo.” Awu, lokho, lokho kungahle kube

yiqiniso konke. Niyabo? Ngeke ngasho ukuthi lokho akusilo iqiniso.

Kodwa, kimi, ngi—ngiyaLifundisisa, ngingathathi noma—noma yimaphi amazwi...Ngiyakufunda okushiwo amanye amadoda, futhi ngiyawabonga. Noma yini into eshiwo yinoma ubani, ngiyayibonga. Kodwa bese—bese ngiyisa kuNkulunkulu, futhi ngihlale nayo ngize ngikwazi ukuyichaza, isuka kuGenesisi iya eSambulweni, bese-ke ngiyibona yonke ixhumeke eBhayibhelini. Bese-ke ngi—ngiyazi ukuthi indawo ndawo eduze ngokuyiqiniso. Futhi, kusobala, lapho oqinisile khona, yilendawo nje eyodwa engideda kuyo e—emgqeni. Futhi mhlawumbe lapho oseputheni khona, noma uqinisile, yilapho engidede khona emgqeni, nangokushintshana.

⁶ Ngakho, sinibonga nonke bantu abahle okhona lapha ezethamelini, kulokhu ukusa, nangani-bantu abahle ozwa lamateyipu. Futhi si...Konke lokho okwenziwayo, konke kungokoMbuso kaNkulunkulu. Nginabangane abanengi abahle emhlabeni jikelele, engibabonga kakhulu, futhi engikholwa ukuthi ngiyodla iPhakade nabo. Futhi kungebe-senhliziyweni yami ukuzama uku—ukudukisa labobantu, noma ngayiphi indlela, kodwa ukuzama ukufeza konke lokho engingakwenza ukubasiza.

⁷ Ngizwa njengoba kwenza uSolomoni ngenkathi ekhuleka, futhi wathi, akaphiwe ukuhlakanipha ukuze akwazi ukuhola abantu bakaNkulunkulu. Lowo ngumkhuleko wami oqotho.

⁸ Engibambisene nabo lapha, yonke indawo, ngibona uMfowethu Mercier, no—noMfowethu Roy Borders, noMfowethu Neville, noBilly Paul, indodana yami. UGene ukhona lapha ndawo ndawo, nabazalwane, uTeddy, nabanye. Ngibabonga bonke lababantu abeza bezongisiza.

⁹ Ngiyakhumbula lapha esikhathini esingeside esedlule, uMfowethu Leo, u—umbono abanawo; iphupho, walisho, ngobunye ubusuku ngenkathi siqala ukubonana; ukuthi wabona isiqongo sesivivane esikhulu, sile phezulu emoyeni. Futhi ngangiphezulu lapho ngishumayela, ndawo ndawo, futhi wakhwela ukuba abone ukuthi konke kwakumayelana nani. Futhi ngenkathi esefike phezulu lapho esicingweni salesisiqongo, ngani, wathi, le kude ekukhanyeni okubukeka njengesiliva, noma njengesitsha esingumcengezi, ngangimi, ngishumayeza abantu. Futhi wakhangwa yimi, ngase ngimqalaza. Futhi wathi, “Uze waphumela kanjani lapho na? Ngiphumele kanjani lapho na?”

¹⁰ Ngathi, “Leo, akekho ongaphumela lapha. NguNkulunkulu othatha umuntu lapha. Manje, awufuneki ukuthi ukhuphukele lapha. Ufanele wehle futhi ufakaze kulabobantu phansi lapho, emva kokuba usukubonile, ukuthi kuyiQiniso, ukuthi Lokho yiQiniso.” ULeo wabuye wehla, ukuba ayofakaza kubantu.

¹¹ Sekuyisikhathi eside kangakanani esedlula lokho kwenzeka, Mfowethu Leo na? Iminyaka eminingana, akwenzekanga na? Iminyaka eminingana. Kusukela lapho, ngokwazi kwami, ubethembekile ekwenzeni lokho, efakaza kubantu ukuthi inkonzo ivela kuNkulunkulu. Manje, futhi a—angifuni kuvele kimi. Uma kuvela kimi, khona-ke akukuhle, ngoba akukho okuhle kumuntu. Niyabo? Kufanele kuvele kuNkulunkulu.

¹² Manje, uma ngiqalaza... Izolo ntambama, ngixhawulane nomngane wami, uMfowethu West. Angikamboni okwamanje, endlini; yebo, ngiyambona manje, kulokhu ukusa. Futhi niyazi ukuthi labobantu bashayela ibanga elide kangakanani, besuka le ezansi e—Alabama, ngeSonto, ukuba beze lapha, bevela le ezansi eAlabama!

¹³ UMfowethu Welch Evans, ngimgejile ngeSonto eledlule. Omunye uthe ubekhona namhlanje. Labobantu bashayela besuka eTifton, eGeorgia, ukuba babe lapha. Nomfowethu ohlezi lapha, ophathini bakhe. Bangingi kakhulu!. UMfowethu Palmer waseMacon, eGeorgia. Futhi ngibona, ngikholwa ukuthi, uDadewethu Ungren nabanye emuva lapho. Bonke bavela le eMemphis, eTennessee. Manje, nicabanga... Nabanye abavela kwezinye izindawo. Ngisanda kubonana nenenekazi phakathi lapha elivela ngale, kude ngale eNingizimu Carolina.

¹⁴ Manje, nicabanga ukuthi abantu lapha... Bengibuka ngale, abavela eChicago, nasezindaweni nje ezehlukene, beshayela amakhulu ngamakhulu amamayela, ukuba nje bazokwethamela inkonzo. Manje-ke, uma befika lapha, akukho-ndawo yokuhlala phansi. Kungekho-ndlu enesishayisa-moya; indlu endala eshaisayo, ukuma phakathi, besula umjuluko. Bethatha imali etafuleni, kubantwana babo, ukuba beze lapha bazolalela lowoMlayezo. Uqonde ukungitshela ukuthi akukho... ngaphambili kwalomfudlana, ndawo ndawo, ukuthi kukhona indawo abaya kuyo, ngolunye lwalezizinsuku na? Impela, ikhona. Lokho ukwethembeka! Labobantu bangabakhokha okweshumi. Abezi kuphela, bangenisa okweshumi kwabo neminikelo, futhi bakungenise endlini yeNkosi, bezama ukwenza okufaneleyo. UNkulunkulu ababusise kakhulu abantu abathembeke kanjalo! Isihawu sikaNkulunkulu nomusa kube nabo.

¹⁵ Ngibona umngane wami, uCharlie Cox, labo abavela ezansi eningizimu yeKentucky. Futhi nje ndawo zonke, uqalaza, ubone abantu abavela ezindaweni ezehlukene.

¹⁶ Lensizwa ehlezi lapho, angisalikhumbuli igama layo. Ngabonana nayo eChicago. Kodwa uvela esikoleni seBhayibheli esikude nalapha, ndawo ndawo, awunjalo na? [UMfowethu uthi, "ESpringfield, eMissouri"—Umhl.] ESpringfield, eMissouri; esikoleni seBhayibheli seAssembly of God. Yebo. Awu,

kuhle. Niyabo, bavela ndawo zonke nje, kulelisonto elidala elincanyana.

¹⁷ Cabanga nje, cishe, eminyakeni elapha kwengamashumi amathathu eyedlula ngenkathi ngibeka itshe legumbi ngalokhokusa, ngangimi laphaya kuSeventh Street, okuqhele ngebanga lendlu. Ngangingakashadelwa ngisho, ngiseyinsizwa nje. Futhi ngabona umbono wabantu begwele phama futhi beminyene phakathi lapha bevela ndawo zonke. Futhi ngangijabule kakhulu, ngimi emva kwepulpiti. Futhi kungalenkathi Engitshela ukuthi, “Kodwa leli akusilo itabernakele lakho.” Futhi Wangihlalisa phansi phansi kwezibhakabhaka. Futhi niyayazi yonke enye indaba ebhalwe ekhasini leBhayibheli libekwe etsheni legumbi lapho.

¹⁸ Ngiyathokoza kakhulu ngani bantu. Angikwazi... Lokho, lokho kuncane kakhulu, u—ukuthi nje, “Awu, ngiyathokoza ngani.” Kodwa ngiyankhulekela. Ngiyakholwa yini. Ngiyakholwa kwenikwaziyo ngoNkulunkulu. Angikholwa ukuthi owesilisa noma owesifazane angashayela amakhulu ngamakhulu amamayela ukuba eze lapha, ukuzokhombisa ukuthi nhloboni yezingubo ababezigqokile. A—angicabangi ukuthi bangakwenza lokho. Qhabo. Bebengeke beze lapha ukuba nje babonwe. Beza lapha ngoba bajulile futhi basebuqothweni ngensindiso yemiphefumulo yabo. Umkhuleko wami uyilokhu: “Nkulunkulu ngisize, ngisize ukuba nje okungenani ngibeqotho leyongxenye, ukuzama ukubakhonza ngakho konke okusenzizweni yami, futhi ngibuke kuNkulunkulu.”

¹⁹ Umlayezo, niyabo, kulokhu ukusa, udwetshwe lapha ebhlekbhede lapha. Kungokokwenza nje empeleni, ukuchaza njengoba ngiqhubeka, ukuzama ukwenza ukuze niqonde engizama ukukhuluma ngakho.

²⁰ Nale “*AmaSonto angamashumi ayisiKhombisa KaDanyeli*” kube ngukufundisisa okukodwa okukhulu, izinsuku ezimbili nobusuku obubili, cishe impela, ebengikubo, ekupheleni kwesonto lapha, bengikukho, ngizama ukuthola ukuthi yimaphi amazwi engingawasho eQiniso. Kufanele kuqhathaniseke nalo lonke iBhayibheli. Niyabo? Ungeke nje waLithatha, uMbhalo owodwa nje omncane bese wenza u—ukuqonda, bese uthi, “Awu, nakhu okushiwo yilokhu,” bese uyaphenduka usuthi, “Awu, kodwa ngapha Li—Lisho enye into, iphikisana *nalokhu*.” Ngeke Lakwenza lokho. Lifanele lisho into efanayo ngaso sonke isikhathi. Uma ungakwenzi, ngani, lokho, khona—ke une—unephutha. Futhi yile yondlela engizame ukuLifundisa ngayo.

²¹ Kambe, emateyipini, njengoba kusemateyipini. Ukugxeka okukhulu kunakho konke enginakho emateyipini, kwabazalwane bami ngaphandle ezingxenyeni ezehlukene zezwe, ngukukholelwa emseni kaNkulunkulu, ukuthi ngifundisa

ngendlela engenza ngayo, ukuthi, “Samiselwa ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe.”

²² Abazalwane bami bePentecostal, kusobala, ngiyazi ukuthi imibono yenu ingeyabagcini-mthetho, niyabo, futhi ngi-ngiyazi kuthi ukunicasula kancane emibonweni yenu. Kodwa ungakwenza yini, njengomfowethu ongumKristu, ungakunaka ngokwenele yini ukuguqa ngamadolo akho phambi kukaNkulunkulu, neBhayibheli lakho, futhi ucele uNkulunkulu ukuba akuchazele khona na? Ungakwenza lokho na? Ungalithatha yini iphuzu lokugcina umthetho futhi uzame ukukuxhumanisa kusuka kuGenesisi kuya eZambulweni na?

²³ Futhi, “Inzalo yenyoka,” lowo ngumbulali; abantu abaningi abakukholwa lokho. Kodwa, uma uzofunda nje kuGenesisi, iBhayibheli lathi inyoka yayinenzalo. “Ngizakubeka ubutha phakathi kwenzalo yenyoka neNzalo yowesifazane.” Ngakho, inyoka yayinenzalo. Futhi uma inzalo yenyoka yayingokomoya, khona-ke uJesu wayengesuye umuntu, ngakho iNzalo yowesifazane yayingokomoya. Bobabili babenezinzalo, nobutha busekhona. Inyoka yayinenzalo. Futhi uma nje uzothatha iBhayibheli lakho, futhi uguqe phansi futhi uzithobe ngempela phambi kukaNkulunkulu, ngiyakholwa uNkulunkulu uyokwembula kuwe.

²⁴ Futhi uma ungakuqondi, ngi-ngikhona, noma ngasiphi isikhathi, ukwenza konke okusemandleni ami ukukusiza, ngencwadi noma ngo-noma ngokubonana ngokuba nengxoxiswano eqondene nomuntu ngqo, kumbe noma yini engingayenza ukukusiza. Imbangela, siyaqonda ukuthi lokho akumsindisi umuntu, kanjalo akumlahli umuntu, kodwa kuphela kuletha ukuKhanya odabeni esizama sonke kanzima ukuthi silubonise abantu. Niyabo? Kuphela kuletha ukuKhanya.

²⁵ Manje, ezethamelini ezibonakalayo, ngisho lokhu ngoba amateyipu, niyabo, nalamateyipu ahamba konke, yonke indawo.

²⁶ Manje asikhothamise amakhande ethu umzuzwana nje, ngaphambi kokuba sisondele kuMqalisi waleliZwi. Futhi bangaki abasezethamelini kulokhukusa odingayo, othi nje, “Ngiyadinga. O Nkulunkulu, ngihawukele?” INkosi ibusise. Nakulabo abazozwa iteyipu, uma uyizwa, sengathi uNkulunkulu angakupha isicelo sakho.

²⁷ Baba wethu waseZulwini, singabantu abathokozayo, nokho abantu abangafanele. Kodwa sisondele esihlalweni saKho sobukhosi somusa kulokhu ukusa, ngoba siyalwe ukuba size. UJesu wathi, “Celani uBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza.” Manje, siyazi ukuthi lokho yiqiniso.

²⁸ Nalapha ezethamelini, naphandle e-ezweni lapho amateyipu ezoya khona, cishe kuzobakhona amashumi ezinkulungwane zamaKristu azelwe ngokusha ezwa lokhu.

Futhi siyazi, Baba, ukuthi uma sizalwa ngokusha, ukuthi umoya wethu uzalwa ngokwaPhezulu. NguMoya kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, phezu kwethu. Futhi siyaqonda ukuthi lowoMoya oNgcwele unamandla onke futhi ungasenzela noma yini esifisa ukuba yenziwe. Ngakho, Baba waseZulwini, sizoKucela ukuba ukhulule ukukholwa kwethu kulowoMoya, ukuze Ukwazi ukusigcinela lokhu ukusa, nenkazimulo yoMbuso kaNkulunkulu, zonke lezizicelo nezifiso, ukuze siphilisewe ekuguleni kwethu nasezinkathazweni zethu, ukuze sikwazi ukukhonzisa uNkulunkulu wethu ngakho konke okuphakathi kithi.

²⁹ Vula izindlebe zethu zokuqonda namhlanje, futhi njengoba ngikhuthalele ukwethula lombuzo omkhulu, futhi ngiwucacise ezingqondweni zabantu. Manje, nginawo ubhalwe wakhishelwa lapha, Nkosi, ephepheni, wabuye futhi wadwetshwa kulelibhlekhhode, lelishadi, kodwa singanele nhlolo ukukuchaza. Manje sibiza Wena, Nkosi enkulu Owaloba iZwi, OwaLiphefumulelayo, OwaLinika umprofethi uDanyeli. Futhi sikhulekela ukuthi Uthumele ukuphefumulela kulokhu ukusa, ngalezizinsuku zokugcina, njengoba Athi iNcwadi iyovalwa kuze kube yilesisikhathi, ukuthi Uyovula ukuqonda kwethu. Futhi sengathi kungabakhona ukukholwa okusendimaneni ethambile enhliziyweni yethu okuzovumela iZwi libambebelele nokuPhila, futhi kuveze imithi yokulunga ezimpilweni zethu, lokho eLihloselwe ukukwenza. Ukukholwa kwethu kuNkulunkulu, sengathi kungasigcinela lokho kulokhu ukusa. Ngokuba silinde ngokuzithoba manje, futhi sizinikela kuWe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

³⁰ Manje, siyathokoza ngalokhu ukusa, ngethuba elihle kakhulu futhi ukuvula lamakhasi eZwi laPhakade likaNkulunkulu.

³¹ Manje, isizathu sokuba ngizethwese ukuzama ukuchaza lokhu, yingenxa yokuthi sizongena eNcwadini yeZambulo, futhi sisanda kuqeda iminyaka yebandla eyisikhombisa. Futhi, manje-ke, ekugcineni kwesahluko 3 seNcwadi yeZambulo, iBandla liyasuswa emhlabeni, liyongena phezulu eNkazimulweni. Futhi mina ngizama, ngayo yonke inhliziyweni yami, ukufinyelelisa lokhu kubantu, ukuthi babheke into ethize ukuba yenzeke, abakubona kubhalwe eNcwadini yeZambulo, ngenkathi kungabhekisiwe onyakeni webandla. Futhi sisondele kakhulu ekupheleni kunoma nicabanga.

³² Ebusukwini obumbalwa obedlule, uBilly, eyami... Noma, umalokazana wakwami, njalo, wangibiza, kusebusuku impela, futhi wathi kwakukhona indoda eyayithiwa uAndy Herman, engumzala wami, yayilele, ifa esibhedlela. Ngaphuma ngayombona. Babemfake izidambisi-zinhlungu, nga...kakhulu, ngangokuthi wayelele, futhi angikwazanga ukukhuluma naye. Ngokusa okulandelayo...Ngacela

uNkulunkulu ukuba amgcine aphile ngize ngikwazi. UAndy uyindoda elungileyo, kodwa nje wayengesuye umKristu. Akasuye umalume; ungumzala, uganwe umzala wami.

Kwathi-ke uma uAnti Ade esengitshela, emi lapho, wathi, “Billy, yonke leminyaka engamashumi ayisishiyagalombili yokuphila kwakhe, akakaze amkhonze uNkulunkulu. Kodwa,” wathi, “emasontweni ambalwa edlule wayehlezi endlini...” Yena, enamashumi ayisishiyagalombili eminyaka ubudala, imbangela, akawenzi kakhulu umsebenzi wezikhwepha. Kodwa wathi . . .

Wambiza wayesethi, “Ade, uyazi ukuthini? UKristu ufike phambi kwami lapha, emizuzwini embalwa nje edlule.”

Wambuka, wathi, “Andy, u—u . . . Yin’indaba?” Wathi . . .

Wathi, “Qhabo. Ume khona lapha phambi kwami, futhi Usho okuthize.”

Wathi, “Utheni?”

“Isikhathi sesedlule kunoma ucabanga.”

³³ Emasontweni ambalwa kusukela lapho, amasonto amabili noma amathathu, washaywa yistroki futhi elele efe uhlangothi esibhedlela, efa. Ngathi, “Anti Ade, ngiyadabuka ngawe ukuthi ungangibizi noma omunye, ukubeka inhliziyo yakhe esimweni salelihora manje asefike kulo.”

³⁴ Ngacela iNkosi, ngakusasa ekuseni, ngenkathi ngi . . . Wayengakwazi ukukhuluma, ngakho ngambuza. Ngathi, “Uyangizwa, Malume Andy?” Futhi wa—wayekwazi ukunqekuzisa ikhanda lakhe kancane futhi anyakazise imihlathi yakhe. Ngamkhulekela, ngamvumisa izono zakhe phambi kukaNkulunkulu. Ngangifuna ukumbhaphathiza, noAnti Ade wayefuna ukubhaphathizwa.

³⁵ Ngase ngehla ngiya ehholo, ukuyobona intombi ehlala kwamakhelwane lapha, ababezoyithumela esibhedlela sezinhlanga, neNkosi iyenzele into enkulu, iye’khaya.

Kwase kuthi, emgwaqeni phezulu, ngahlangana nodade oyikhaladi, wayesethi, “Awusuye uMfowethu Branham na?”

Ngathi, “Nginguye.”

Wathi, “Uyangikhumbula mina? NginguNkk. Drye.”

³⁶ Ngase ngithi, “Yebo, ngikhulwa ukuthi ngiyakukhumbula. UPete Drye nabanye.” Ngathi, “Yebo, ngi—ngiyakukhumbula.” Wabheka phakathi ekamelweni, sesenze njalo . . . Ngamangala ukuthi kungani esho lokho. Futhi, lapho, uMalume Andy wayesevukile embhedeni, futhi ehlezi phezulu lapho, enyakazisa izandla zakhe nezingalo njenganoma yimuphi omunye umuntu, ezama ukuthola into, into yombhede phansi, ukuze aphume lapho futhi asuke ahambe. Manje bayeza bazobhaphathizwa eGameni leNkosi uJesus, yena nomkakhe.

³⁷ Ngakho, kodwa engikushilo lokho, isikhathi sesedlule kunoma sicabanga. Futhi ngikholwa ukuthi lokhu *AmaSonto angamashumi ayisiKhombisa KaDanyeli* azokulethela ukuthi siqonde.

³⁸ Manje, iningi labazalwane bethu bePentecostal, engishilo ekuqaleni eteyipini, ukuthi abavumelani naLokhu. Babheke enkulu, into ethize enamandla ukuba yenzeke. Futhi, bazalwane bami, uma nizolalelisisa, futhi ninga . . . futhi nilalele, nizothola ukuthi leyo enkulu, into ethize enamandla seyedlule. UJesu uselungele ukubuya.

³⁹ IBandla lihamba esahlukweni 3 seZambulo. Akushiwongo lutho phakathi lapho mayelana nalutho, kodwa nje into yokugcina kwakuyisithunywa sokugcina sonyaka. Bese-ke, sibhekana namaJuda kuze kube ukubuya futhi noMlobokazi, esahlukweni 19. Kusukela esahlukweni 6 kuya kwi 19 konke okwamaJuda.

Yilapho engifuna ukufika khona kumfowethu olungileyo ngapha ngesikhathi saleziziMpawu, uMfowethu Woods, kuqala owayenguFakazi kaJehova, yena nawo wonke umndeni wakhe, balapha kulokhu ukusa, ukuthi lezo “zinkulungane eziyikhulu namashumi amane-nane” zazingesibo, zingahlanganise lutho nabeZizwe. ZingamaJuda. Niyabo? Futhi akusiwo uMzimba kaKristu ofiphele emhlabeni namhlanje.

UMlobokazi uyilowoMzimba ofiphele. NgoMoya oNgcwele sibhaphathizelwe kulowoMzimba ofiphele.

⁴⁰ Manje, siyazi ukuthi eNcwadini kaDanyeli lapha, lapho kade sifunda khona, sizofunda nje futhi ngoba yiZwi laKhe. Esahlukweni 19 sikaDanyeli, ivesi 24.

Amasonto angamashumi ayisikhombisa anqunyelwe abantu bakho nomuzi wakho ongcwele, ukuqeda isiphambeko, . . . ukukhawula isono, nokwenza ukubuyisana ngobubi, nokungenisa ukulunga okuphakade, nokunamathelisa umbono nesiprofetho, nokugcoba okuyiNgcwele kokuyingcwele.

Ivesi 25, “Futhi ngalokho yazi uqonde, ukuthi kusukela . . .” Manje, yilokho ebesikhuluma ngakho, futhi sigcine kulokho ngeSonto ebusuku, “ukugcoba okuyiNgcwele kokuyingcwele.” Nakhu lapho esiqala khona kulokhu ukusa, evesini 25. “Futhi ngakho-ke . . .”

Ngalokho yazi uqonde, ukuthi kusukela ekuphumeni kwesiyalelo sokubuyisela nokuphinda kwakhiwe iJerusalema (lowo ngu “muzi wakho ongcwele,” niyabo) kuze kufike uMesiya uMbusi kuyakuba-ngamasonto ayisikhombisa, koba amasonto angamashumi ayisithupha nambili: futhi kobuya kwakhiwe isitaladi, nezingange, futhi enkathazweni yezikhathi.

Emva kwamasono angamashumi ayisithupha nambili uMesiya uyakunqunywa, angabikho kubo: futhi abantu bombusi ozayo bazochitha umuzi nendarwo engcwele; ukuphela kwakho koba njengozamcolo omkhulu, kube ngukulwa kuze kube sekugcineni incithakalo inqunyiwe.

“Futhi . . .” Manje, khumbulani, lokho ukuphela kwempi. Sinakho ebhodini lapha. “Futhi,” manje siqala enye into.

Uyakuqinisa isivumelwano nabaningi isonto libelinye: imihlatshelo neminikelo ikhawuke phakathi kwesonto, kufike incithakalo ngephiko lesinengiso, kuze kuphele okunqunyiweyo, (yilokho, kuphela), kuthululelwe phezu komchithi.

⁴¹ O, isifundo esinje pho! Ngathi kumkami ngelinye ilanga, “Angazi noma abantu ngempela bayakuthola yini.” Manje, ngifuna nikuthole. Ninga . . . Uma nina, sifanele sihlale lapha usuku lonke, sihlale nje. Manje, si—si—sifuna ukukuthola. Niyabo? Si—sifuna ukwazi ukuthi kuliQiniso. Futhi, nina, uma nje kuphela ningakubona! Futhi ngizobuza, mhlawumbe . . .

⁴² Bese—kuthi, kamuva, ngizoshiya ishadi lilenga lapha, futhi ni—ningakudweba, kamuva. Ningene lapha kulentambama, noma yinini uma nifuna, futhi nidwebe amashadi nokunjalo. Kuzonisiza ukuba niqonde. Yingalesosizathu ngikubeka laphaya, ukuze nikuqonde.

⁴³ Manje, ake sithi ukubuyekeza kancanyana nje ukuze sithole isisekelo. Manje kwakukhona . . . UDanyeli wayekhathazekile ngabantu bakhe, ngoba wayemfundile uJeremiya umprofethi, futhi waqonda ukuthi uJeremiya wayeshilo ukuthi bayoba sekuthunjweni iminyaka engamashumi ayisikhombisa. Kwase kuthi—ke, wayeseyabona—ke ukuthi basebevele besekuthunjweni iminyaka engamashumi ayisithupha—nesishiyagalombili, ngakho wazi ukuthi isikhathi sasesiseduze. Ngakho wawubeka eceleni wonke umsebenzi wakhe, wehlisa, njengoba kwakunjalo, okuncane kwayo yonke imisebenzi yakhe yansuku zonke ayenikezwe yona. Wabhekisela ubuso bakhe kuNkulunkulu, wembatha ingubo yesaka nemilotha, futhi wahamba wayozila ukudla nokukhuleka, ukuze aqonde ukuthi lesosikhathi siyoba nini. Khona—ke siyathola, njengoba ngike ngakubeka ngaphambili . . .

[UMfowethu Branham ukhuluma nomunye emsamo—Umhl.] Ungakuphendula lokho, ukuphendulele *ngapho*, kancanyana nje. Isishayisamoya ifeni, usumningana kakhulu. Kungenza ngishe izwi. Bese . . . Ngiyabonga, mfowethu.

⁴⁴ Manje, ukuthi sithola ukuthi, uDanyeli, wayefuna lolulwazi ngabantu bakhe. Futhi ngiyacabanga, uma uDanyeli, efunda abaprofethi phambi kwakhe, futhi enaluluhlobo lokuqonda, ukuthi wayeseseduze kokuphela, futhi wafuna uNkulunkulu,

ukuthola ukuthi ukuphela kwase kusondele kangakanani; ngicabanga ukuthi-ke silungisisiwe, ngokubona ukuthi sesisekupheleni komgwaqo manje, ningembathi indwangu yesaka nemilotha, kodwa ntshingani izinto zezwe, neminako yethu yalokhu ukuphila; futhi sifune uNkulunkulu, ukuba sithole ukuthi suku luni lonyaka esikulo, ngoba siyabona sisekupheleni, futhi ukuze iBandla lizile ukudla futhi likhuleke lilungele. Yingakho ngikhuthalele ukuzethwesa... Ngingazi ukuthi ngingakuchaza kanjani lokhu, ngoba bengilokhu ngikwedlula njalo, futhi ngathi, “Lawomasonto angamashumi ayisikhombisa kaDanyeli,” ngoba ngangingakuqondi. Futhi yingakho ngizethwese khona manje, ukuzama ukukuchaza. Futhi ngiyakholwa, ngosizo lweNkosi, ngingakwenza ngomusa waKhe, ukukuletha lapho khona, nginikhombise ukuthi sesisondele kangakanani ekuFikeni kweNkosi.

⁴⁵ Manje, uDanyeli wayeseminyakeni emibili nje. Manjena-ke siyathola, ukuthi, esesemkhulekweni, iNgelosi, uGabriyeli waphuthuma kuye; futhi akusikho kuphela ukuthi wamchazela ukuthi abantu bakhe babezophuma nini ekuthunjweni, kodwa, futhi, konke lokho okwakunqunyelwe abantu bakhe, konke lokho okwakusasalele abantu bakhe. Wathi, “Kusenamasonto angamashumi ayisikhombisa asasalele iJuda.”

⁴⁶ Manje-ke, siyathola, ukuthi Wayenenhloso ekasithupha. Futhi enye yazo, kwakungukuqeda isiphambeko; no-nokukhawula isono; ukwenza ukubuyisana ngobubi; ukungenisa ukulunga okuphakade; ukunamathelisa umbono nesiprofetho; nokugcoba okuyiNgcwele kokuyingcwele.

⁴⁷ Futhi sithathe, ngeSonto eledlule ekuseni, uDanyeli esimweni sakhe ezansi lapho, ekhuleka. NgeSonto eledlule kusihlwa, sinikeza imiBhalo, ukuze abantu bawufunde uma befika ekhaya. Niwufundile na? Niwuthandle na? Kuyamangalisa!

⁴⁸ Manje, inhloso ekasithupha. Futhi sithola ukuthi, kulenhloso yesithupha, “ukugcoba okuyiNgcwele kokuyingcwele,” sithola ukuthi “okuyiNgcwele kokuyingcwele” njalo kwakumele iBandla, iTabernakele. Nento yokugcina eyayizokwenziwa, kwakungukugcoba okuyiNgcwele kokuyingcwele, lelo yiTabernakele lesikhathi seminyaka eyiNkulungwane Ayohlala kulo ngenkathi yesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, esiyohlala kulo.

⁴⁹ Manje, namhlanje, manje sisondele ekutheni, “Ayini amasonto angamashumi ayisikhombisa na?” Futhi lena yingxeny ebaluleke kakhulu, amasonto angamashumi ayisikhombisa.

⁵⁰ Manje, siyazi imiBhalo ingeke iqambe amanga. Izofanele ibe yiQiniso. Futhi uma leNgelosi uGabriyeli ifika futhi yatshela uDanyeli ukuthi kusele kuphela

amasonto angamashumi ayisikhombisa kumaJuda...Manje, sizokubhekisela lokho osukwini lwesithupha...noma esontweni losuku lwesikhombisa. Kodwa, esiprofethweni kubekwa njalo emifanekisweni.

⁵¹ Futhi ngakho, akungabazeki ukuthi kusukela phansi onyakeni, bekukhona amakhulu aphindwe kamakhulu abantu, izifundiswa ezinkulu, amadoda ahlakaniophile, ezama ukuchaza ukuthi lamasonto angamashumi ayisikhombisa ayeyini. Futhi ngifunde eziningi izincwadi zabo ezihlaziwayo ngawo. Futhi ngiyambonga kakhulu uMnu. Smith, webandla le Adventist, ngemibono yakhe. Ngiyambonga kakhulu uDr. Larkin, ngemibono yakhe. Ngiyazibonga zonke lezizifundiswa ezinkulu, ngemibono yazo kulokhu. Futhi ekuzifundeni, kungikhanyisela kakhulu, ukuthi ngingazithola izindawo ebukeka ikahle. Kodwa ukuthola imibono engi-engicabange ukuthi ngingathanda ukuyichaza, ngifunisise kwi ensayiklopediya incwadi ephethe izinhlobonhlobo zokwazi, ye “sikhathi,” ukuthola ukuthi kwakuchaza ukuthini ukuthi “isikhathi.”

⁵² Futhi siyathola ngapha, sine “sikhathi, isikhathi, nokwehlukaniswa kwesikhathi.” Yini isikhathi na? Yini isonto na? Manje, lokho kubese zinkulungwani ezintathu, amakhulu amane namashumi amathathu eminyaka eyedlula, selokhu kwabakhona lokhu, selokhu uNkulunkulu aqala ukuphathelana neJuda; eminingi, eminingi iminyaka eyedlula. UDanyeli wayekhona uJesu engakazalwa, nalesosikhathi sasiku 538 uJesu engakazalwa, iminyaka engama 538 ngaphambi kukaKristu, ngenkathi ekhuluma lokhu nge “sikhathi, isikhathi, nokwehlukaniswa kwesikhathi.” Futhi, amasonto angamashumi ayisikhombisa, buka ukuthi amasonto angamashumi ayisikhombisa ayengamusa kuphi. Ngani, wayeseseBabiloni, emasontweni angamashumi ayisikhombisa, kepha nokho uNkulunkulu wamtshela ukuthi lokho kwakuyilesosikhathi sonke esasinquyewelwe abantu.

⁵³ Manje, ibandla lami lapha liyazi ukuthi iminyaka yonke bengihlala nginitshela, “Uma ufuna ukwazi ukuthi suku luni lesonto, bheka ekhalendeni. Kodwa uma ufuna ukwazi isikhathi esiphila kuso, qaphela lawomaJuda.” Leso yisona sikhathi sewashi. UNkulunkulu akabelanga—langa sikhathi esithize kwabeZizwe; kwakungekho sikhathi esithize sesikhathi. Futhi yilapho engicabanga khona ukuthi ababhali abaningi basixove khona, futhi wayezama ukusebenzisa lokhu eJuden nakoweZizwe, ngoba Wathi, “Abantu baKho.” Kodwa Wayekhuluma kuDanyeli, hhayi eBandleni; abantu bakaDanyeli, iJuda. Ukuba Wayekhuluma eBandleni, ngeke ukufake-ndawo lokho; u—usemuva le, ngisho nangaphambi kokufika kukaKristu. Bekungaphumela kunoma yiluphi uhlobo lwamasonto esiprofetho obufuna ukukufaka kulo. Sekuvele

kuphumile. Kodwa Wayekhuluma namaJuda, ngakho ngakho-ke iJuda liyisikhathi sewashi likaNkulunkulu.

⁵⁴ Niyakhumbula lapha, esikhathini esingese esedlule, ngenkathi uMfowethu Aganbright, waseCalifornia, isekela likamongameli weNhlangano yosoMabhizinisi be International Full Gospel, ufika endlini yami futhi waletha i—iteyipu; futhi akusiyo iteyipu, kodwa i—isithombe sebhayisikobho, aba... esithi *Kusele imiZuzu emiThathu Kushaye Iphakathi-nobusuku*. Lokho kwathathwa ocwaningweni lwesayense. Ngenkathi kade ngibone lawomaJuda ebuyela phakathi, ebuya eyongena eJerusalema, ngehlela lapha etabernakele, futhi ngathi, “Ngizizwa sengathi ngibe nokuphinda ukuphenduka.” Abaningi benu bayakukhumbula lokho. Ngathi, “Ukubona lawomaJuda ebuyela emuva!”

UJesu wathi, kuMathewu isahluko 24, “Nxa nibona umkhiwane uhluma imiqumbe yawo.” Niyazi ukuthi yini okufanele niyibheke, niyabo, amaJuda ebuya!

⁵⁵ Manje, nginezinye iziphawulo ezibhalwe lapha. Ngithanda ukungena kuzo. Manje, manje, ngizo—ngizothatha isikhathi sami, ukuze nani nizibhale. Manje, konke lokhu kwenzeka, lezi... Manje si... Ngesikhathi esikuso manje, konke lokhu kwenzeka e... KungokwamaJuda; akuhlangene ngalutho neBandla, nhlobo. Noma yini esukela eZambulweni isahluko 3, kuya kwese 19, akuhlangene ngalutho neBandla. Ungeke ukwenze kuphume kahle. Nje akukho lapho.

⁵⁶ Manje ngifuna ukuchaza ukuthi ngakuthola kanjani lokhu. Manje, ebhodini, abaningi benu bazobona ukuthi ngikudwebile, ngabeka endaweni izikhathi, ukuthi kungena kanjani endaweni, ukuze kwenziwe ukuthi kuqondwe ngumuntu wonke. Ninga... Anikuboni ngemuva, ngiyethemba, kungumbhalo omncane kakhulu. Lowo umbhalo kaBecky. Ngicabange... Futhi, lesosithombe, benginesibi ukwedlula leso. Kodwa, uBecky usidwebile leso, esomfanekiso wephupho likaNebukadnezari. Futhi ngicabanga ukuthi sibukeka sifana kakhulu nentombazane, Becky, kunanendoda. Kodwa, empeleni, sizo—sizoluveza ulwazi, lokho esikufunayo.

⁵⁷ Manje, uma sifunda iBhayibheli ukuthi kukhona amasonto angamashumi ayisikhombisa anqunyelwe abantu, manje, i... akuhlangene ngalutho neBandla. Amasonto angamashumi ayisikhombisa alihihlange ngalutho neBandla. Uma niqaphela lapha, eshadini, nginonyaka webandla ophakathi nalawomasonto angamashumi ayisikhombisa.

⁵⁸ Sinakho ngapha. Omunye umfowethu ezansi eGeorgia wasidwebela sona ngapha, lapho siqhubeka neminyaka yebandla. Futhi ngempela singaqonda ukuthi lokhu kusho ukuthini. Lokhu okumhlophe ebandleni lapha, lokho kuchaza ukuthi wonke wawungwabaphostoli. Bese kuthi onyakeni

webandla wesibili, babenemfundiso yamaNikolawu, noma, babenemisebenzi yamaNikolawu; kwakungakabi yimfundiso. Unyaka webandla wesithathu, kuba yimfundiso. Futhi onyakeni webandla wesine, kwahlelwa, futhi kwaba ubupapa bamaRoma. Futhi o—onyakeni webandla wesine, lezo kwakuyizikhathi zobumnyama.

Niyaqaphela, bonke ubumnyama lapho bumele ubuNikolawu, noma ubuRoma. Ingxenye emhlophe imele uMoya oNgcwele, iBandla. Futhi, njengoba kwakunjalo uqala esikhathini sikaPawulu oNgcwele, lonke iBandla labaphostoli lagwaliswa ngoMoya oNgcwele. Aseqala ukungena-ke amakhosi ohlanga. Kwase kuthi ekugcineni aqiniswa futhi enza ibandla elisha ngokuphelele kulo. Futhi ibandla elincane nje lashiswa, futhi lakhandwa ngamatshe, futhi lanikwa amahubesi, nakho konke.

⁵⁹ Enguqukwani kufika uLuther, okuthe ukukhanya kancane, niyabo. Ngezinsuku zikaWesley, kwalethe ukukhanya okusathe ukukhanya kancane. Kodwa onyakeni webandla wokugcina lapha, unyaka webandla wamaNikolawu, lowo unyaka esi... Hhayi owamaNikolawu, kodwa owaseLawodikeya, lowo yiwona-nyaka esiphila kuwo. Niyaqaphela, akukuningi kakhulu ukuKhanya.

⁶⁰ Omunye, ngenkathi bebona umdwebo wakho phezulu laphaya, wathi, “Ngiyakudabukela, Mfowethu Branham! Lolusuku olukhulu lokukhanyisela!”

Ngathi, “Sengathi ngiyabona, uma sekusefeke phansi...” [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane—Umhl.] “Lokho akwenzi ngisho ubulungiswa; uma uthola ubumhlophe bangempela enhliziyweni, uzalwe kabusha ngoMoya.” Khumbulani, lona kwakunguwona-nyaka webandla kuphela uKristu akhishelwa kuwo ngaphandle kwebandla laKhe uQobo, kunayo yonke. Sinokuvuma izono okukhulu, kodwa sinayo yini imfuyo, yilokho esikhuluma ngakho. Ngabe uKristu usebandleni ngempela na? Kuyoba sengcosaneni ngesibalo kakhulu impela.

⁶¹ Manje, manje ake sifanekise kancane amasonto angamashumi ayisikhombisa kaDanyeli. Manje ngingahle ngiphinde lapha futhi; befundisi beVangeli, uma ningavumelani nalokhu, kulungile. Ehlukaniswe izikhathi ezintathu, njengoba sithola kuDanyeli 9. Izikhathi ezintathu. Kuqala, isikhathi sesonto eliyisikhombisa; bese kuba amashumi ayisithupha nambili, okungamashumi ayisithupha-nambili; bese kuba yisikhathi esiyisonto elilodwa. Ehlukaniswe izikhathi ezintathu ezehlukene.

⁶² Manje, nginakho kwahlukanisiwe lapha ebhodini. Isikhathi sokuqala; isikhathi sesibili; nangokuqonda kwami, ngeVangeli, ngoMoya oNgcwele, ukuthi, isikhathi sokuphela, uNkulunkulu ubuyela futhi eJudeni.

⁶³ Manje, siyazi, ngawo onke amaVangeli, uPawulu awafundisayo, nabanye, ukuthi uNkulunkulu uyobuyela futhi eJudeni. Awu, manjena-ke, uma Ezobuyela futhi eJudeni, singakubhekisela kanjani emuva esikhathini sikaDanyeli na? Sifanele sikubhekisele kulonyaka wokugcina. Futhi kusemva kokuba iBandla labeZizwe selihambile, ngoba Uphathelene noIsrayeli njengesizwe, thina njengomuntu ngamunye.

⁶⁴ Manje, ngingomunye umbhalo lapha engizothanda ukunifundela wona njengoba siqhubeka. Manje:

...ekuphumeni kwesiyalelo ukuphinda kwakhiwe iJerusalema...

Okungukuthi, kwakungosuku lwe 14 lukaMashi. Uma noma yimuphi kini efuna ukukubhala phansi lokho, ngesiHeberu uzothola ukuthi kwakubizwa ngo *N-i-s-a-n, Nisan*, okusho u “Mashi.” Isiyalezo sakhishwa ngosuku lwe 14 lukaMashi, ngo 445 uJesus engakazalwa, isiyalezo saphuma ukuba kwakhiwe, kuphinde kwakhiwe ithempeli. Niyakuqonda, njengoba nina bantu niyifundile imiBhalo. Laze laqedwa, kuthathe iminyaka engamashumi amane-nesishiyagalolunye ukuqeda ithempeli nomuzi, ukuphinda kwakhiwe. Futhi njengoba iBhayibheli lasho lapha, uDanyeli ekhuluma, noma iNgelosi kuDanyeli, ukuthi:

...izingange, futhi liyokwakhiwa ngezikhathi zenhlupheko.

Futhi abaningi bethu bayakhumbula, ngenkathi lakhiwa, babephethe ibhlokwe likasimende ngesinye isandla ngesinye kuyinkemba kuyinkemba, ukuba bagade isitha. “Futhi liyokwakhiwa ezikhathini ngezikhathi zenhlupheko.”

⁶⁵ Ngakho, nakhu lapha engithola khona lokho, ngithola izinsuku zami. Manje, sinamabili, amakhelende amathathu ehlukeni. Sibuyela emuva ekhalendeni endala yokusebenza ngezinkanyezi, futhi siyathola ukuthi ekhalendeni kaJulius Caesar kukhona amakhulu amathathu, amashumi ayisithupha-nanhlanu nosuku olulodwa lwesine onyakeni. Bakubeka kube yisikhathi lokho ngokwedlula kukaSardis nezinkanyezi ezehlukene, nokunjalo. Bakubeka kube yisikhathi. Manje siyathola, ekhalendeni yamaRoma esiphila phansi kwayo manje, izinsuku ezingamakhulu amathathu namashumi ayisithupha-nanhlanu onyakeni, ngekhelende. Kodwa kweyamaKristu, noma kwikhalenda yesiprofetho, sithola ukuthi kukhona kuphela izinsuku ezingamakhulu amathathu namashumi ayisithupha onyakeni. Manje, ningahle nimangale ukuthi lokhu ukudideka kuvela kanjani.

⁶⁶ Manje, lokhu ngingasho kuphela njengokuba kukhuluma mina. Ngikholwa ukuthi emuva ngaphambi kokubhujiswa komhlaba ngamanzi, emuva ngezinsuku zikaJobe, nokunjalo, ukuthi babegcina isikhathi ngezinkanyezi. Futhi siyaqonda,

noma emuva ngaphambi kwalesosikhathi, ukuthi izwe lalimi liqondile. Kwase kuthi-ke ngesono somuntu, ukuwiswa kwezwe, futhi laketuka kwase kufika izikhukhula, ngakho-ke sinezinguzunga ezinkulu zamaqhwa, nokunjalo, nalo lonke ingaphezulu nengaphansi komhlaba kugcwele iqhwa. Siyakwazi lokho. Nomhlaba awumile-mpo. Uhlezi ngokuketuka. Lokho kwawunyakazisa kwawugudluza enyangeni nasezinkanyezini, lapho ababebuka khona, base bekubeka ngokungesikhoke. Noma—noma, wawungeke usakwazi ukugcina isikhathi ngakho, ngoba uhlezi-lutsheku, uhlezi uqethukile. Ngakho-ke, awukwazi ukushaya ngqo kulezozinkanyezi ngesikhathi esifanayo, ngoba u—uphumile emgudwini walezozinkanyezi. Niyakuqonda na? Ngikholwa ukuthi kuyilokho.

⁶⁷ Ulele ngomhlane ukulesosimo. Nalokho kukhombisa kuphela ukuthi lesi nje yisikhathi sesikhathi. Anikuboni na? UNkulunkulu akanazo izinto eziphume emgudwini. Ukuyeka nje kuhambe kanjalo okwesikhathi esincane. Futhi ngikholwa ngempela ukuthi leyonto yenziwa.

Futhi kulolu izinsuku zokugcina yilapho uNkulunkulu ezokwembula khona lezizimfihlo eBandleni. Akakwenzanga ngaphambili. Futhi isizathu sokuthi Engakwenzanga, kungukugcina ibandla liqaphile futhi likhuleka ngesikhathi sonke, lingazi ukuthi kwakuzofika nini. Kodwa niyakhumbula, kuDanyeli 12, Wathi, “Abahlakaniphile bayoqonda ekugcineni, alolu usuku lokugcina.” Niyabo? Kunikwe yena.

⁶⁸ UMoya wokuhlakanipha ufika ungene eBandleni, ukwazisa iBandla, ngesambulo sikaMoya oNgcwele, ungenisa iBandla futhi wembula ukuthi suku luni esiphila kulo. Kuyafana nje njengokufika kukaGabriyeli ku—kuDanyeli, uMoya oNgcwele ufika eBandleni ngezinsuku zokugcina, ukwembula lezi ezinkulu, ezijulile, izinto eziyimfihlo. Seniyaqonda manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

⁶⁹ Manje, lokho kungawehlula lowonyaka osebenza ngezinkanyezi noma noma unyaka kaJulius Caesar, ikhalenda, niyabo, unyaka wababazi bamatshe, ngoba izwe liketukile. Sonke siyakwazi lokho, kusukela ekufundisiseni esikoleni. Futhi kuphumile emgudwini, ngakho-ke zona, lezozinkanyezi, bekungeke kwedlule emgqeni womhlaba ngesikhathi esifanayo. Ngakho-ke, ikhalenda lamaRoma liliphutha, nalo, ngoba ungeke uzihlanganise ndawonye izinsuku. Kukhona nje eziningi izinto engingahle ngizisho khona lapha. Esizitholayo, ngisho nangemvelo qobo lwayo, isifundisa ukuthi zingamashumi amathathu ngqo onyakeni izinsuku.

⁷⁰ Manje, asithathe iZambulo lapho esizoya khona ngapha ngezinsuku zabaprofethi ababili. IBhayibheli lathi, “Baprofetha izinsuku eziyinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha.” Manje, thatha ikhalenda elisebenza

ngezinkanyezi, ngempela liyonhlanhlatha kude kabi ekubeni kube yiminyaka emithathu nengxenywe. Bese uthatha ikhalenda lamaRoma esinalo namhlanje, iyonhlanhlatha kude kuyo. Kodwa thatha ikhalenda yesiprofetho, futhi kukhona ncamashi izinsuku eziyinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha, ezinsukwini ezingamashumi amathathu enyangeni. Niyabo?

⁷¹ Sinezinsuku ezingamashumi amathathu kwezinye izinyanga, amashumi amathathu-nanye kwelandelayo, amashumi amabili-nesishiyagalombili kwenye. Niyabo, sonke sixoveke saxoveka. Kodwa uNkulunkulu akanakho kudledzela kuxhumaxhuma, phansi-naphezulu, emuva naphambili. Ushaya kukho ngokufanayo impela. Yebo, mnumzane. Ngokufanayo impela, izinsuku ezingamashumi amathathu enyangeni; hhayi amashumi amathathu-nanye, bese kuba amashumi amathathu, enye into. Niyabo? Kodwa konke lokho kwenziwa emnothweni omkhulu kaNkulunkulu, ukugcina iBandla liqaphele futhi likhuleka, lilungele, izingubo zenu zihlanzwe eGazini leWundlu. Kodwa, o, kulolu izinsuku zokugcina, Wethembisa! Ehhe. Manje siyabona ukuthi siphila kuphi. Manje, khumbulani, inhloso, inhloso eyodwa vo, ngukwenza lokhu.

⁷² Manje, uma kwakukhona isikhombisa... Bukani, kukhona izinsuku ezingamashumi amane-nesishiyagalolunye impela... iminyaka engamashumi amane-nesishiyagalolunye, njalo, esikhathini sokwaxhiwa kwethempeli. Isikhombisa, ngamasonto esiprofetho ayisikhombisa, amasonto ayisikhombisa, ngoba kukhona amasonto ayisikhombisa anqunyelwe ithempeli, ukuphinda kwaxhiwe ithempeli. Futhi laxhiwa ngayo impela iminyaka engamashumi amane-nesishiyagalolunye. Manje sinencazelo yesikhathi samasonto, ngoba uma iBhayibheli lathi, iNgelosi yathi, kuthathe amasonto ayisikhombisa kuze kube ukwaxhiwa kwethempeli. Futhi kwaba yiminyaka engamashumi amane-nesishiyagalolunye impela kwaxhiwa ithempeli, kusukela—kusukela ngoMashi 14 kwaze kwaba ngu 5—538 uJesu engakazalwa. Laze ithempeli labuyiselwa futhi, nezitaladi zabuyiselwa, iminyaka engamashumi amane-nesishiyagalolunye impela. Ngakho, sitholani na? Sitholani na? Ngokuba, uma amasonto ayisikhombisa esho iminyaka engamashumi amane-nesishiyagalolunye, khona-ke isonto elilodwa lilingana neminyaka eyisikhombisa. Futhi isikhombisa usiphindaphinda kasikhombisa kungamashumi amane-nesishiyagalolunye. Kunjalo impela. Nakho lapho okhona.

⁷³ Ngakho manje akusekho-kuqagela ngakho. Sesiyasi manje ukuthi isonto ngalinye lalisho iminyaka eyisikhombisa. Senikutholile na? Asikusho kanyekanye. [UMfowethu Branham nebandla bakhuluma kanyekanye—Umhl.] “Isonto elilodwa

lilingana neminyaka eyisikhombisa.” Manje siyazi sikutholile. Isondo elilodwa lilingana neminyaka eyisikhombisa.

⁷⁴ Nakhu sikhona khona lapha, isonto lokuqala. [UMfowethu Branham ukhomba emfanekisweni osehlekhhode—Umhl.] Iminyaka engamashumi amane-nesishiyagalolunye kuya ekuphindweni kwakhiwe ithempeli. Manje, lomugqa ophezulu lapha umele isizwe samaJuda njengoba unqamula. Lesi yisikhathi nje. Futhi ngenkathi wehlela lapha, wehla uphuma esizweni samaJuda, ungene esikhathini sabeZizwe. Bese wenyuka futhi bese ubamba uIsrayeli, bese uyaqhubeka.

⁷⁵ Manje, abeZizwe akabelwanga-sikhathi esithize. Nje wathi, “Isikhathi sabeZizwe.” Futhi siyathola, ngisho noJesu akazange ababele isikhathi. Ngoba siyathola lapha, kuLuka 21:24, Wathi, “Bayakunyathela phansi izingange zeJerusalema abeZizwe baze...” Ake ngikucaphune lokho. Ngikucaphuna ngokukukhumbula nje. Ake ngikufunde, ngoba kuzoba seteyipini lapha, futhi sifuna ukuqiniseka ukukuthola ngokuyikho. Kulungile, uma nifuna ukuphenya kanye nami kukho, kuLuka oNgcwele 21:24. Ngikufundisise ngokucacile lokhu, ngakho konke engingakwenza.

Bayakuwa bedliwa yinkemba, bathu...

Ukhuluma ngobani na? AmaJuda. Lokho kwakungukubhujiswa kwethempeli, ngo 70 uJesu azalwa.

... bayakuthunjelwa ezizweni zonke:...

Manje khumbulani, akusikho nje ukuba sezansi eBabiloni, akusikho nje ukuba ngale eRoma, kodwa “ezizweni zonke.” Yilapho iJuda elikhona namhlanje, “ezizweni zonke.”

... iJerusalema liyakunyathelwa phansi ngabeZizwe, kuze kugcwaliseke isikhathi sabeZizwe.

⁷⁶ Manje-ke, kukhona isikhathi esabiweyo, kodwa akukho-muntu owaziyo ukuthi siyoba nini. Niyabo? Kuyimfihlakalo, niyabo, isikhathi sabeZizwe. Kodwa, amaJuda... Manje-ke, ngeke sasisho isikhathi ukuthi ngabe iBandla, ukuthi Lihlubukile noma Liyaqhubeka, noma Lenzani. Ungeke washo ngalokho. Kodwa, bukani amaJuda, nanto ikhalenda lesikhathi. Niyakubona na? UNkulunkulu wawabela ngempela usuku, ihora, nesikhathi, kodwa Akazange kwabeZizwe. Wakwenza kumaJuda, ngakho masiqaphele amaJuda, khona-ke sizobona ukuthi sikuphi.

⁷⁷ Manje, manje, amasonto ayisikhombisa kwakuyiminyaka engamashumi amane-nesishiyagalolunye. Sinakho kucacile manje, ukuthi isonto elilodwa li—isonto elilodwa liyiminyaka eyisikhombisa; isonto elilodwa, iminyaka eyisikhombisa.

⁷⁸ Manje siyatshelwa, “Kusukela ekuphumeni komyalo...” Manje, nakhu la inkathazo ifika khona. Manje siyatshelwa:

...ekuphumeni kwesiyalelo ukuphinda kwakhiwe umuzi kaMesiya (noMesiya wayenguKristu kusobala) kuyakuba ngamasonto ayisikhombisa, namasonto angamashumi ayisithupha nambili: kwenza amasonto angamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye)...

Niyabo? Kulungile. Futhi isikhombisa siphindaphindwa kamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye kwenza iminyaka engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nantathu. Manje, niyakubhala phansi na? Uma nifuna ngikuphinde futhi, ngizojabula ukukwenza.

⁷⁹ Manje siyatshelwa, “Ekuphumeni kwesiyalelo ukuphinda kwakhiwe umuzi, kuMesiya, kuyoba yisikhombisa,” (isikhombisa, lokho okokuqala—kuqala, khona lapha) “amasonto ayisikhombisa, namashumi ayisithupha nambili,” kwenza, amashumi ayisithupha-nambili nesikhombisa ngamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye, amasonto angamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye. Isikhombisa siphindaphindwa kamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye kungenza iminyaka engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nantathu. Ngakho-ke, kuze kufike uMesiya...Manje senyukela kulengxenywe *lapha*. Kuze kufike uMesiya, kuzofanele kube yiminyaka engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nantathu, iminyaka engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nantathu.

⁸⁰ Manje, manje, uJesu, uMesiya, wagibela wayongena emzini waseJerusalema, ukunqoba, emhlane womnyuzi omhlophe, ngeSonto lamaSundu, ngoAprili 2, ngo 30 uJesu azalwa. UJesu wagibela wayongena eJerusalema ngeSonto lamaSundu, ngo 30 uJesu azalwa. Futhi manje, manje, kusukela ku 445 uJesu engakazalwa kuya ku 30 uJesu azalwa kuyiminyaka engamakhulu amane namashumi ayisikhombisa-nanhlanu impela.

⁸¹ Kodwa, njengoba sesivele sibonile, ukuthi amasonto angamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye kwenza iminyaka engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nantathu. Manje, ifika lapho-ke inkathazo, khona lapho. Niyabo? Sinakho kuphela, ngokumakwa kweBhayibheli lapha, isikhathi, iminyaka engamakhulu amane namashumi ayisikhombisa-nanhlanu kuphela. Futhi, empeleni, kuyiminyaka engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nantathu, umehluko weminyaka eyisishiyagalombili.

⁸² Manje, uNkulunkulu angeke akwenze kugeje. Uma Ethe kuyoba yizinsuku ezingaka, kuyizinsuku ezingaka. Uma Eth i kungaka, kungaka. Ngakho sizokwenzenjani na? Manje, u 475 uJesu engakazalwa kuya ku 30 uJesu azalwa, kuyiminyaka kaJulius Caesar noma esebenza ngezinkanyezi, okungamakhulu

amathathu namashumi ayisithupha-nanhlanu nosuku olulodwa lwesine ku—kuyo ngaminye. Kodwa uma sinciphisa lezozinsuku zize ekhalendeni lethu lesiprofetho . . .

⁸³ Manje angime khona lapha umzuzu nje. Ukuze nazi ngaphandle nakwesisodwa isithunzi sokungabaza, bengingeke nje ngithathe leyondawo eyodwa. Ngingakuthatha ngikuhambise kuyo yonke imiBhalo futhi ngifakazise kini ukuthi izinsuku eziyisikhombisa ziyilesosikhombisa, isonto elilodwa li—liyiminyaka eyisikhombisa, eBhayibhelini. Ngikwenze ngapha nje, eZambulweni isahluko 13, noma isahluko 11 nevesi 3. Labobaprofethi bayoprofetha izinsuku eziyinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha, okuphakathi nesonto lokuqala lamaJuda, bese-ke beyanqunywa bese kungena iAmargedoni. Manje-ke uma lokho kunjalo, nakho futhi, zona impela izinsuku ezingamashumi amathathu enyangeni. Niyabo? Bese-ke, akusi—akusizona izinsuku ezingamashumi amathathu-nanye namashumi amabili-nesishiyagalombili, nokunjalo. Yizinsuku ezingamashumi amathathu impela enyangeni, ngaleso naleso sikhathi.

⁸⁴ Ikhalenda lethu lesiprofetho lisiletha ezinsukwini ezingamakhulu amathathu namashumi ayisithupha, njengoba sisebenzisa manje emiBhalweni. Sinayo impela engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nantathu. Nakho-ke, amakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nantathu. Lapha sinabo impela ubufakazi besiprofetho, iqiniso impela. Ngokuba, kusukela esikhathini sokuphumela ukuyokwakha ithempeli, kuze kube sekubhubhiseni, ngenkathi benqaba uKristu futhi baMbulwa ngo 33 uJesu azalwa, ngenkathi uKristu ebulawa, kuyiyo impela iminyaka engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nantathu.

Manje, ekuphumeni kwesilayezo ukuphinda kwakhiwe iJersalema, kwanqunywa amasonto ayisikhombisa, okwakusho iminyaka engamashumi amane-nesishiyagalolunye. Futhi iminyaka engamashumi amane-nesishiyagalolunye yashaya khona impela. Awu, kusukela ekuphindeneni kwakhiwe ithempeli kuya kuMesiya, kwakuyiminyaka engamakhulu amane namashumi amathathu-nesishiyagalombili. Ngakho, amakhulu amane namathir-...iminyaka engamakhulu amane namashumi amathathu-nane. Futhi amakhulu amane namashumi amathathu-nane (isikhathi), amashumi amane-nesishiyagalolunye, kwenza impela iminyaka engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nantathu. Kushaya ekhaleni, osukwini impela, kusukela osukwini kuya osukwini. Amen! Nakho lapho okhona.

⁸⁵ “UMesiya uMbusi uyofika.” Niyabo? Isikhombisa siphindaphindwa kamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye kungamakhulu amane namathir-...na—namashumi ayisishiyagalombili-nane eminyaka. Impela, kushaya ekhaleni.

Ngakho, manje-ke, siyazi ngokuphelele, siyazi ngempela, ukuthi lowomBhalo uqinisele. Nakhu. Kodwa, niyabo, zonke lezi . . .

⁸⁶ Ngenkathi uNkulunkulu kade enezwe lingakabhubhi ngamanzi futhi walibhubhisa ngamanzi, futhi waguqula usuku lwenyanga olwalusebenza ngezinkanyezi; wase ededela amaRoma angene ase enza ikhalenda lawo, elishaya ligxume, nokunjalo. Futhi ngiqagele, ukuthi, ngisho nakwi ensayiklopediya incwadi ephethe izinhlobonhlobo zokwazi lapho ebengifunda khona.

⁸⁷ Ake nisho, kambe, uMfowethu Kenny Collins, ngabe ukhona endlini kulokhu ukusa, Kenneth Collins? Uyazi ngenkathi ungithumelela leyonqwaba enkulu yama ensayiklopediya na? Uyakukhumbula lokho na? Wangithumela laphaya cishe impela zingumthwalo ongagcwala itrakhi. Ngacabanga, “Impatha enjengami ezweni ingenzani ngakho konke lokho na?” Niyazi, iNkosi yayikuhola, Kenny. Ngakuthola lapho ukwazi, kuwo lawoma ensayiklopediya amadala, “isikhathi,” futhi ngangifundisisa. NoBecky uya wasebenzisa esikoleni sakhe. Nginawo phansi endlini yami yokufundela, phansi elawini lami esitezi esiphansi. Futhi sehlela lapho futhi sasithola, futhi lapho sasibheka, futhi sasithola, impela, kuwo onke amakhalenda nesikhathi esake sabakhona. Niyabo? Ngakho, sinaso.

⁸⁸ Naso, impela, iminyaka engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nantathu. Ekuphumeni kwesiyalelo sokubuyisela i—sokubuyisela isakhiwo, kuze kufike isikhathi soMbusi uMesiya enqatshwa, kwenza impela iminyaka engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nantathu, ngekhalela.

⁸⁹ Manje niyabo, sisebenzisa lekhalela efanayo khona ngapha. Ngoba, uma uNkulunkulu asebenzisa lekhalela lapha, khona-ke Uzofanele ayisebenzise kuso sonke isikhathi eBhayibhelini. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Ameni.”—Umhl.] UNkulunkulu akaguquki. Ngakho, uma amasonto ayisikhombisa ayeyiminyaka engamashumi amane-nesishiyagalolunye, amasonto ayisikhombisa futhi yiminyaka engamashumi amane-nesishiyagalolunye. Isonto elilodwa liyiminyaka eyisikhombisa, niyabo, ngakho kwenza kube ngokuphelele nje. Futhi uma kwashaya esikhonkosini impela lapho, kuzoshaya esikhonkosini impela futhi. Amen! O, he! Lokho kungishukumisa yonke indawo. O, ngi—ngiyakuthanda—ngiyathanda ukwazi ukuthi ngikhuluma ngani. Ngi—ngi—ngiyakuthanda.

Ngoba, njengomfo omdala wathi, ezansi laphaya eKentucky, kimi, wathi, “Ngithanda ukuzwa umuntu ekhuluma, owaziyo ukuthi bakhuluma ngani.”

Ngathi, “Nami ngiyathanda, futhi.”

Wathi, “Yileyo indaba ngani bashumayeli, anazi ukuthi nikhuluma ngani.”

⁹⁰ “Awu,” ngathi, “Ngiyakuthanda ukuphawula kwakho, kodwa kukhona izinto esaziyo ukuthi sikhuluma ngani.” Ehhe. Kunjalo. Ngiyazi ukuthi ngizalwe kabusha. Ngiyazi ukuthi ngedlulile ekufeni ngangena ekuPhileni. Ngiyazi ukuthi kukhona uNkulunkulu, ngoba ngikhulumile naYe.

Uke wakhuluma ngami, futhi wakhuluma nami, futhi kwakhuluma kwabanye, futhi wangitshela ngabanye. Futhi ngiyazi ukuthi UnguNkulunkulu. Kunjalo. Wabamuhle kakhulu ukuba ehle futhi angivumele ngithathe isithombe sami naYe, lapho izwe lesayense lingeke lakuphika. Futhi ngiphendukela emBhalweni futhi ngakubona ukuthi kuyikho impela nje ukugcwalisa lonyaka webandla, khona impela okwenzekayo, ukuze ngazi ukuthi silapha. Amen.

⁹¹ Manje, singahle singabi ngabafundisiweyo. Singahle singabi ngabantu abanobugagu, nezinto ezinjalo. Singahle singabi ngabanesithunzi, kodwa siyamazi uNkulunkulu. SiyaMazi ngoba kukhona uMoya oNgewele, niyabo, futhi kuqhathaniseka neZwi-nge-Zwi emBhalweni, khona-ke siyazi ukuthi kuyiqiniso. Siphila ezinsukwini zokugcina.

⁹² Manje, lapho, khumbulani manje, ukuthi, lonyaka wesiprofetho, sezinsuku ezingamakhulu amathathu namashumi ayisithupha onyakeni. Bukani konke okunye. Imvelo, uma abanye benu bantu bengaqonda, ngisho nakwabesifazane, nokunjalo. Niyabo? Amashumi amathathu, izinsuku ezingamashumi amathathu, kubukeni nje-ku...Yonke imvelo imiswe kanjalo. Niyabo? Hhayi amashumi amathathu-nanye, amashumi amathathu, amashumi amabili-nesishiyagalombili, noma okuthize. Yizinsuku ezingamashumi amathathu impela. Kuwo wonke unyaka, leyo yikhalenda yesiprofetho, izinsuku ezingamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nantathu impela.

⁹³ Lapha sinobufakazi-ngqo besiprofetho, iminyaka engamakhulu amane na—namashumi amane-nanhlanu, ngaphambili, kwakuyikho impela. Manje, konke lokho okwaprofethwa ngakho ukuthi kufezeke. Nalawomasonto angamashumi ayisikhombisa awazange enzeke ngaleyonkathi, ngakho kushiyelwe izinsuku zokugcina manje.

⁹⁴ Manje, bazalwane bami bePentecostal; manje, bazalwane bami boFakazi bakaJehova; niyaqonda na? Niyazi ukuthi izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane zaqhamukaphi na? Niyazi lapho izimangaliso ezinkulu zeSambulo zaqhamuka khona na? Ngale onyakeni wamaJuda, hhayi owethu. Akukho lutho oluqoshwe kuwo, yiBandla nje lizilungiselela futhi liphuma. Impela, ngamandla kaNkulunkulu, senza izimangaliso nokusebenza kakhulu.

Siyakwazi lokho. Kodwa into yangempela yayingapha kumaJuda; ngiqonde, awangempela, amandla asebenzayo, kusebenza izimangaliso. Amane . . .

⁹⁵ Izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane aziqhamuki lapho. Zingale...Aziqhamuki esahlukweni 3. Zingale emiBhalweni, kude. Futhi manje siyabona ukuthi yonke lento yayizokwenzeka, yayingapha kulesisikhathi sesonto lamashumi ayisikhombisa, isonto lokugcina. Manje, uma base bevele benamasonto angamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye, futhi baphila khona impela uNkulunkulu athi bakwenza, futhi kwenzeka impela ngendlela uNkulunkulu athi kwakuzokwenzeka ngayo, ngakho-ke lisekhona elinye isonto elilodwa elethenjiswe iJuda. Manje, bazalwane, lungiselelani nje. Niyabo? Niyabo? Lalelani ukuthi sisondele kangakanani. Isonto lokugcina, isikhombisa, unyaka wesikhombisa.

⁹⁶ Manje, ngabe wonke umuntu uyaqonda kuze kube manje, uma niqonda? Wonke umuntu uyaqonda kuze kube manje, ukuthi kuyiQiniso ngokuphelele. YiBhayibheli. Yiminyaka yesiprofetho.

⁹⁷ Manje siyenyuka, futhi sibathole phezulu lapha ekunqatshweni kukaMesiya, niyabo, kusukela e...kuya ekunqatshweni kukaMesiya, isonto lokugcina.

⁹⁸ Manje, ngifuna ukuma khona lapha umzuzu nje futhi ngichaze lokhu. Ukuthi, ngenkathi benqaba uMesiya, kwakungenkathi lapho be, kusobala, benqaba uJesu njengoMsindisi, futhi baMbethela. Khumbulani ngapha ukuthi iBhayibheli lathini, "Uyakunqunywa, Engabikho kubo, uMesiya, uMbusi." Manje cabanga ukuthi lesosiprofetho sishaya eduzane kanjani. Ngifuna ukukubholela kini lokhu. Ukuthi, uma lesosiprofetho sishaya khona impela osukwini lwenyanga, khona impela esikhathini, futhi nangayo impela indlela okwathi kuyoba ngayo; leli elinye lesikhombisa, leli elilodwa amasonto ayisikhombisa asele. . . iminyaka eyisikhombisa eyodwa, njalo, (izinsuku eziyisikhombisa: iminyaka eyisikhombisa), iyoshaya ngokomBhalo impela.

⁹⁹ Manje khumbulani, Wanqunywa, uMesiya. AmaJuda, uNkulunkulu wanqamuka ukuphathelana nawo. Awabange esaqhubeka. Ayesehlakazwa nguMbuso wamaRoma. Kwase, kuthi-ke, uma niqaphelisisa eshadini lami lapha, ngifuna nithole lokhu manje futhi nikudwebe. Niyaqaphela lapha lapho enginesiphambano khona na? Yilapho abenqaba khona. Kodwa isikhathi selulwa saqhubeka kancanyana kulokho, niyabo. Ngani na? Amashumi amathathu, amashumi amane, amashumi amahlanu, amashumi ayisithupha, amashumi ayisikhombisa. Eminyakeni engamashumi amane kamuva, uTitus, induna yamaRoma, wabhuhisa uIsrayeli, iJerusalem,

futhi wahlakaza abantu baya ezweni lonke. Niyabo, uTitus, eminyakeni engamashumi amane kamuva. Kanjalo, empeleni, isikhathi samaJuda selulwa kwaze kwaba ukuphelela . . .

¹⁰⁰ UNkulunkulu wayengaphathelene nabo. Kuphela Waphathelana nabo baze bamenqaba uKristu. Kwathi-ke sebembethele uKristu, bamemeza, “iGazi laKhe malibe phezu kwethu nabantwana bethu,” futhi selokhu kubenjalo kusukela lapho. Kodwa ngaphambi kokuba bahlakazeke . . . Lalelani! O, mfowethu! Ngaphambi kokuba bahlakazeke bonke baye ezweni lonke, kuthathe uNkulunkulu cishe iminyaka engamashumi amane ukuba azimbule ithempeli nokubahlakazela ezweni lonke. Kodwa uNkulunkulu wehluleka ukuba abe esaphathelana nabo. UNkulunkulu wehluleka ukuba abe esaphathelana nabo.

Wahamba wayophathelana noweZizwe. Niyakwazi lokho, niyakuqonda manje na? Manje, lapha siqala iminyaka yebandla, isikhathi sabeZizwe, uNkulunkulu eqhelile kumaJuda.

¹⁰¹ Manje, mfowethu oyisithunywa senkolo, lokho kwakuku—ku—kumaJuda, umfowethu othandekayo oyigugu lapha ndawo ndawo. Nakhu lapho engifuna khona nikubambe futhi niqonde. Niyabo, uNkulunkulu wayeka ukuphathelana namaJuda khona lapho, ngoba uNkulunkulu njalo uphathelana noIsrayeli njengesizwe. Sonke siyakwazi lokho uIsrayeli uyisizwe. Abezizwe bangabantu, futhi Wafanele azithathele iGama laKhe, kubantu babeZizwe. Sizongena kulokho emizuzwini embalwa.

¹⁰² Kodwa manje, kuleminyaka yebandla eyisikhombisa esedlule kuyo, esikhathini sabeZizwe, kusukela ekubethelweni kukaKristu kuze kube sekupheleni kweminyaka yebandla. Manje sinakho lokho. Sedlulile kukho, kwehle konke. Manje sifika endaweni lapho esingashaya khona lokhu, singene eziMpawini eziyisiKhombisa, iZitsha eziyisiKhombisa, amaCilongo ayisikhombisa, nakho konke lokho, bese ukwenza isithombe ndawonye; konke kuphathelana namaJuda, nokwahlulela kukaNkulunkulu kubantu phezu komhlaba. Nensali . . .

¹⁰³ Khumbulani, kulesisikhathi esikhulu sokuzingelwa, kukhona izigidi zabeZizwe eziyofela kulokho. Abenqabe umlobokazi, leyo—leyonsali yenzalo yowesifazane, intombi elele, yedlula kulokho impela. Ku—kucace bha njengalamasonto angamashumi ayisikhombisa nje; kucace nje bha. Futhi bayokwedlula kukho. Ngakho, uma ungenawo uMoya oNgwele, kungcono ufinyelele kuWo ngokukhulu ukushesha. Sisesikhathini sokuphela.

¹⁰⁴ Manje qaphelani, iminyaka yebandla eyisikhombisa. Manje, angizukwedlula kuyo, ngoba sinayo eteyipini, futhi isifakwa ezincwadini nakho konke. Leso, leso kwakuyisikhathi uNkulunkulu angazange asho ngaso ukuthi kuyoba yizinsuku ezingaka, amahora angaka, noma iminyaka engaka; Akazange

asho lutho. Wathi, “Kuze kuqedwe ihlelo lesikhathi sabeZizwe.” Wathi, “Kuze!” Izingange ziyonyathelwa phansi uNkulunkulu aze ayeke ukuphathelana nabeZizwe.

¹⁰⁵ Manje, siyathola, ukuthi kusukela phansi kuleminyaka, besinoMoya oNgcwele ungena. Kwase kuthi-ke uNkulunkulu, emuva ekuqaleni, uqala ukusho ngaleyonkathi, ekunqatshweni kukaKristu, uNkulunkulu wakhombisa uJohane khona impela okwakuzokwenzeka ngesikhathi sokubusa kwabeZizwe. Manje, niyabo, asinasikhathi esinqunyiweyo, njengamaJuda, kodwa sinesibonakaliso. Sine—sinesigxobo sesibonakaliso. Awu, uNkulunkulu wenza kumaJuda khona impela nje Athi Wayezokwenza ngaleyominyaka engamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye, noma, kwakuyiminyaka engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nantathu, kodwa amasonto angamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye. Futhi kusele isonto elilodwa, isonto elilodwa lisanqunyelwe.

¹⁰⁶ Manje, singeke salisebenzisa phakathi *lapha*, ngoba lona oweZizwe, iBandla. Manje, bangaki oqonda lokho na? [iBandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, lokhu yiZambulo, kuqala ngesahluko 1, isahluko 3 size sisithathe sisiwelisele eLawodikeya. Manje, sibona impela ukuthi konke kwakuyiBandla kanjani, iBandla lezwe qobo lwalo. UNkulunkulu akazange afake nesoni, sivele nje. . . ngaphandle uma sifuna ukusindiswa. Kodwa, iBandla lezwe lalimhlophe lonke; bese kufika amaNikolawu ayefuna ukubumba inhlango. Izikhulu zangena kuyo. Lokhu kwakuseNayisiya, eRoma, ngenkathi benoMkhandlu waseNayisiya. Futhi benzani na? Balihlela ibandla, base beqala ukuzingela umKristu. Kwase-ke, onyakeni webandla olandelayo, bacishe impela, ubuKristu, ngendlela yombhaphathizo kaMoya oNgcwele, baqothulwa bonke nya.

¹⁰⁷ Kodwa-ke, ukuze nina bantu nazi, ukuthi ngabuyela emuva futhi ngathola umlando, o*Baba baseNayisiya*, no*Baba baseNayisiya yakuQala*, nayo yonke imilando yebandla, nencwadi yasendulo kakhulu engakabi yibhuku enganginokuyithola, futhi zonke zafakazisa kini ukuthi iBandla uNkulunkulu ayekhuluma ngalo lalingesilo lelobandla eliKatolika elihleliwe kumbe nanhlango enye. UNkulunkulu wayekhuluma ngokuthi, nazo zonke lezozinkanyezi ezinkulu zonyaka, zazingamadoda afundisa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, umbhaphathizo eGameni likaJesu Kristu, nokufika kukaMoya kaNkulunkulu, no—nokukhuluma ngezilimi, nokuhunyushwa kwezilimi, nokuphilisa, nezimangaliso, nezibonakaliso. Yilokho uNkulunkulu anakho okuyinqwaba. Angeke awuguqula umqondo waKhe, athi, “Awu, lona ngumqondo waMi ngeBandla, iBandla labaphostoli; manje umqondo waMi yibandla lezikhulu.” UNkulunkulu akaguquki! Kuselokhu kunguMoya oNgcwele.

108 Futhi siyaqaphela futhi sililethe, bese-ke, uma sibona imvelo kaNkulunkulu nalokho Aku . . . bese Ekhipha umBhalo Wakhe. Bese-ke ethatha u—umlando okhombisa ukuthi kushaye emhlolweni impela nje; kulo impela usuku lwenyanga, esikhathini, kukho konke uNkulunkulu akusho ngoJohane, ukuthi kwakuzofezeka, kwenzeka kulowonyaka wabeZizwe.

109 Manje, sizithola thina, ngale nakwesisodwa isithunzi sokungabaza, oNyakeni waseLawodikeya. Siyazi sikuwo. Sedlula oNyakeni wamaLuthela; sedlula onyakeni kaWesley; manje sisoNyakeni waseLawodikeya, unyaka wokugcina. Futhi siyaqonda ukuthi ngalinye lalawomabandla lalinesithunywa. Siyakuthola lokho. Izinkanyezi eziyisikhombisa esandleni saKhe, okwakuyimiMoya eyisiKhombisa eyahamba phambi kukaNkulunkulu. Ngalinye lalinesithunywa. Futhi siyehla futhi siyathola, ngeBhayibheli, ukuthi imvelo yalesosithunywa iyoba njani, kwakuyimvelo enjani lesosithunywa esasizoba yiyo. Futhi sicaphuna indoda emlandweni eyayinaleyomvelo. Bese kuthi uma sithola leyondoda emlandweni, eyayinaleyomvelo, sithola ukuthi yayiyisithunywa kulowonyaka webandla. Bese siyathola ukuthi Moya muni, nokuthi leyondoda yenzani. Futhi sithola ukuthi yayingongewele ogcwaliswe ngoMoya oNgewele, uIrenaeus oNgewele, nabo bonke labo abanye, no—noColumba abaNgewele, nawo onke lawomadoda agcwaliswe ngoMoya. Futhi siyakwazi lokho, ngomBhalo, ukuthi lolohlobo lukaMoya lwaluzoba phezu kwalolohlobo lwendoda ngalesosikhathi esifanayo. Kulapho-ke, ngakho ngeke kwaba yiphutha. Amen! Udumo kuNkulunkulu! Lokho nje . . .

110 Angazi, mfowethu. Lokho kungenzela okukhulu kunanoma yini engiyaziyo, niyabo, ngoba yiZwi likaNkulunkulu Lizikhulumela. Uma ngizwa uNkulunkulu esho okuthize, ngithi, “Amen! Lelo yiqiniso. Kunjalo.” Niyabo? Lokho kuxazulula konke. Sekuphelile konke. “UNkulunkulu washo njalo.” Lokho, kwenziwa yiLokho.

Awu, uNkulunkulu wathi kwakuzokwenzeka ngaleyondlela, futhi sitholile emlandweni nangomBhalo. Sasifunda ngalonyaka webandla, ukuthi wawuzokwenzani, ukuthi kwakuzokwenzekani, ukuthi kwakuhlobo luni lwesithunywa kulowonyaka webandla. “Ku—kuyo ingelosi yebandla laseLawodikeya. Kuyo ingelosi yebandla laseSardesi, eThiyathira,” zonke lezi ezehlukile. Futhi sibuyela emlandweni futhi sithole i—isithunywa salelobandla, futhi sitholile ukuthi sasiwubani. Ngakho-ke sikudwebile, sabeka amagama azo phansi kwawo, futhi zilapho. Niyabo, siyazi lokho kushaya khona impela.

111 Manje, futhi siyazi ukuthi uNkulunkulu waye, njalo waye, futhi njalo ube, futhi ephambene nenkolo ehleliwe. Yebo, mnumzane. Wakusho. “AmaNikolawu, eNgiwazondayo!” *Nikao* kusho “ukunqoba abantu abangafundele lutho.” *Laity* ngukuthi,

abantu abangafundele lutho, “yibandla, umzimba.” *Nickao* kusho “ukunqoba, ukwehlula,” ngamanye amazwi, “yenza indoda engcwele, umuntu ongaphezu komunye.”

Sonke singabantwana. SineNkosi eyodwa, leyo nguNkulunkulu. Sinoyedwa OngoNgcwele, nalowo nguNkulunkulu. Amen! Futhi Uphakathi kwethu, esimweni sikaMoya oNgcwele. Lowo nguye OngoNgcwele.

¹¹² Manje, sehla size siqiniseke ngempela ukuthi ngokwedlula o—onyakeni wamaJuda sinawo lawomasono angamashumi ayisithupha—nesishiyagalolunye impela, ngomlando, ngekhelanda, ngonyaka wesiprofetho sikaNkulunkulu, siletha umlando wekhelanda yesiprofetho, kusukela eTestamenteni eliDala kuwelele kweLisha, futhi sikhombisa ukuthi kufana impela. Niyabo?

Manje sinebandla labeZizwe kusukela ekuqaleni, kwehle kuze kuzofika osukwini lokugcina, futhi siyazi siphila osukwini lokugcina. [UMfowethu Branham washaya phezu kwepulpiti kaningana—Umhl.] Amen! Niyaqonda na? [Ibandla lithi, “Amen.”]...?...[UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kanye.] Manje, pho, uma siphila kulolusuku lokugcina, ekupheleni kwalonyaka, pho sikuphi na?

¹¹³ Qaphelani, emuva lapha, niyawubona lomugqa odwetshwe ngemuva *lapha*, lapho uNkulunkulu ayephathelene khona namaJuda...Noma, akazange aphathelane namaJuda, kuMthathe isikhathi eside ukuwathola. KuMthathe iminyaka engamashumi amane ukuwangenisa esimweni lapho Ayengathola khona ukuwabhubhisa, kuzo zonke izizwe. Yonke indawo, ngezinsuku zoweZizwe, Wayefanele awafake esimweni ngaphambi kokuba Enze iZwi laKhe lifezeke. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? [Ibandla, “Amen!”—Umhl.] Wonke oliqondayo, akathi, “Amen!” [“Amen!”] Niyabo, ngifuna ukuqiniseka ukuthi niyakuthola.

¹¹⁴ Manje kwenzekani na? Bukani phezu kwesiqongo salonyaka webandla lokugcina. Niyasibona lesisandiso esincane na? Izinsuku zabeZizwe seziyaphela. Futhi iminyaka engamashumi amane edlule, amaJuda belibuyela eJerusalema, ebuyela ezweni lawo lendabuko. Haleluya! Niyabona ukuthi sikuphi na? Kwathatha iminyaka engamashumi amane, kusukela ekunqunyweni kukaMesiya, uTitus waze wabhubhisa ithempeli futhi wahlakaza amaJuda. Kube ngeminye iminyaka engamashumi amane uNkulunkulu aqinise khona inhliziyoyazo zonke izinhlobo zoFaro endaweni yonke, futhi baxosha amaJuda abuyela ezweni lawo lendabuko. Kodwa namhlanje asebuyele ezweni lawo lendabuko futhi, neBandla selisekugcineni. Amen! [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane—Umhl.] O, ngi—ngi—ngizama nje ukufunda; angikwazi.

115 Qaphelani, amaJuda asezweni lawo lendabuko, futhi kade ebuyela emuva. Uma uthola i *Decline Of the World's War*, ivolum yesibili, ngenkathi uGeneral Allenby, emva kweMpi yokuQala yoMhlaba, wandizela phezu kweJerusalema futhi walithumba, futhi wathatha iJerusalema. Nalawomadoda angamaKristu amasha eJerusalema ethule izigqoko zawo. NoAllenby wazinikela ngaphandle ngisho kokudubula ngesibhamu... noma—noma bazinikela kuAllenby, amaTeki. Futhi kusukela lapho, uNkulunkulu wahamba wayoyenza lukhuni inhliziyu kaMussolini, inhliziyu kaHitler, inhliziyu kaStalin, izinhliziyu zamadoda kulo lonke izwe, ezonda leloJuda.

116 Kwase kuthi-ke izinyoni ezinkulukazi ezehlayo, ezibizwa ngama Eastern Airlines, noma amaPan American Airlines, kumbe noma kwakuyini. Ngikholwa ukuthi yayibizwa ngeTWA. Kwakuse—sephephabhukwini, iphephabhuku i*Life*, ngikholwa ukuthi kwakuyiyo, i*Look* noma i*Life*. Ngikholwa ukuthi kwakuyi*Life*. Eminyakeni emithathu noma emine nje edlule, noNkulunkulu ubegijimisa amaJuda ewabuyisela ezweni lawo lendabuko, akade engekho iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, abeZizwe besazilungiselela. Futhi manje abeZizwe usekhiphele uKristu ngaphandle kwebandla, ngokweZambulo isahluko 3. Akakwazi ngisho ukubuyela ebandleni laKhe. Ayikho indawo Angaya kuyo. Unqatshiwe.

117 Futhi sekuyisikhathi soHlwitho. Bonke abahlengiwe konke *lapha*, lamachashazi amancane njengalokhu, ngukwenyuka kwabangcwele ekuvukeni. Niyabo, sonke sihlangukhona khona *lapha* ndawonye. IBhayibheli lathi, “Thina esisekhona sisasele kuze kube-sekufikeni kweNkosi asiyikubandulela noma sibavimbele nempela labo abaleleyo.” Yonke indawo kusukela *lapha, lapha, nalapha*.

118 Kanjani, mfowethu oyiPentecostal, ungakusebenzisa kanjani konke lapha oNyakeni weBandla laseLawodikeya na?

Baphakathi lapho, balele, kuyo yonke leminyaka, balindile. “Futhi thina esisaphila, isixukwana esisasele ngapha, sisasele siphila kuze... Ukufika kweNkosi asiyikubavimbela labo abalele; ngokuba icilongo likaNkulunkulu liyokhala, nabafileyo kuKristu bayovuka kuqala; futhi siyohlwithwa kanye nabo.” Amen! “Kanye nabo,” *silapha*, sihlangukhona khona *lapha*, “ukuba sihlangukabeze iNkosi emoyeni.” Futhi nakho la ukhona. Sikuphi na? Khona *lapha*. Wakutholaphi uMesiya ukunqunywa na? Khona impela lapho iZwi elasho khona. Liyoqalaphi losonto lamashumi ayisikhombisa na? Impela emva kokuba leliBandla selinqunywe. Bese-ke uNkulunkulu ebuyela kumaJuda.

119 Anikhumbuli yini, ukuthi, kuthi nje iBandla lingahamba—iBandla lingahamba, bese amaJuda ayabambelela, ayangena na? Kodwa, kuqala, into elandelayo ngokohlelo, akusiyona enamandla kazwelonke—imvuselelo kazwelonke phakathi

kwabeZizwe. Into elandelayo ngokohlelo, ngukufika koMbuso kaNkulunkulu, ukuFika kukaKristu.

¹²⁰ Manje, uma benifuna, besingabuyela emuva lapha manje kuDanyeli isahluko 2, ivesi 34 nevesi 35. Futhi lapho uDanyeli enikwa... isahluko 2, 34 nelama 35, lapho uDanyeli wayekade enikwe umbono ukuthi izinsuku zabantu bakhe zase ziphelile, futhi okwesikhathi esithize, futhi wababona abeZizwe bengena. Futhi wawubona umbono walelitshe elikhulu lapha, noma lomfanekiso omkhulukazi, wawunekhanda legolide, nesifuba sesiliva. Manje qaphelani, liya ngokuqina, isiliva egolideni. Okulandelayo, amathanga ensimbi... noma amathanga ethusi. Bese kuba yizinyawo zensimbi nemilenze. Kodwa izinzwane, kwakuyizinzwane eziyishumi, nalezozinzwane zaziyimsimbi nebumba. Futhi wathi, “Njengoba ubonile ukuthi insimbi ngeke ixubane nebumba, lemibuso ngokwehlukana ayiyikuxubana, kodwa iyoxubanisa izinzalo zayo ndawonye, bezama ukwephula amandla omunye.” Niyabo?

¹²¹ Manje, kwenzekeni, ikhanda legolide lalinguNebukadinezari, akuchazayo. Wathi, “Enye inkosi iyakufika futhi ibencane kunawe,” okwabe kunguDarius, amaMede-o-Peresiya, ethatha umbuso wabeZizwe. Olandelayo uyangena, emva kwamaMede-o-Peresiya, kwabayini na? AmaGreki, uAlexander the Great, nokunjalo; abaseGreki bawuthatha lowombuso. Wase uthathwa yini kumaGreki na? AmaRoma. Futhi ubani obuse izwe labeZizwe kusukela lapho na? AmaRoma! AmaRoma, manje, leyo kwakuyinsimbi.

¹²² Manje-ke qaphelani, iRoma ihlala kuze kube sekugcineni, ngoba yaya ekugcineni kwezinzwane. Futhi ubone udaka, ibumba; futhi lokho abantu, into esenziwe ngayo. Nensimbi, ukuqina kweRoma, kwagijima kwangena kuzo zonke lezozizwe. Futhi iRoma inamandla kuzo zonke izizwe eziphansi kweZulu.

¹²³ Munye kuphela umuntu ezweni ongamisa impi noma aqale impi ngaphandle... ngokusho izwi elilodwa. Lowo nguphapha. Uma-ke ethi, “Akungabikho-Katolika elithatha isikhali.” Lokho kwenele, mfowethu, noma ungakhulumani. Ingxenye enkulu kunazo zonke zezwe, lobuKristu, yiKatolika. Niyabo? Kulungile. Ake asho izwi elilodwa, kuyilokho.

¹²⁴ Njengoba nje basho ngapha, “Ubani...” Singena kukho kamuva. “Ubani ongalwa nesilo na? Ubani ongakhuluma njengaso na? Ubani ongakwenza na? Manje-ke, masenze umfanekiso kuso isilo.” Lowo umfelandawonye wamabandla, “senze umfanekiso onjengaso.” Niyabo? Kwenziwe umfelandawonye wamahlelo ahlangane ndawonye, asebevele bekwenzile. O, nje sesisekugcineni. Yilokho kuphela okukukho, mngane. Silapha ekugcineni. Niyabo? “Masenze umfanekiso wesilo,” into efana naso. Umfanekiso yinto ethize ebukeka ifana nento ethize. Niyabo? Manje sesisesikhathini sokugcina.

125 Manje qaphelani phakathi lapha, ekupheleni kwalonyaka. Manje, uDanyeli, esahlukweni 2, nelama 34 nelama 35 ivesi—ivesi, wawuqaphela lomfanekiso ngokukhulu ukunaka. Futhi wawuqaphela kwaze kwaqheshulwa Itshe entabeni, kungengazandla, futhi Laginqikela phansi futhi lawushaya umfanekiso ezinyaweni, futhi lakwephula lokho. Manje, Alizange liwushaye ekhanda, manje. Lawushaya ezinyaweni; leso kwakuyisikhathi sokugcina, lezozinzwane eziyishumi.

126 Niqaphelile nje, khona impela lapha, ngaphambi nje kokuba uMnu. Eisenhower aphume, iProtestane lokugcina le . . . laseMelika, ku—kuMongameli, engingabazayo ukuthi liyoqe libekhona elinye. Kodwa—kodwa ngenkathi . . . ukukhombisa lokho nje, ukuze nje abantu baphaphame. Ngenkathi ehlangana, kwakukhona . . . Umhlangano wokugcina a (ba) hlangana kuwo neRashiya, kwakukhona amazwe amahlanu obukhomanisi aseMpumalanga ayemelwe, amazwe amahlanu aseNtshonalanga. UMnu. Khrushchev wayeyinhloko yamazwe aseMpumalanga. UMnu. Eisenhower wayeyinhloko yamazwe aseNtshonalanga. Futhi uKhrushchev, njengoba ngiqonda futhi ngatshelwa, ukuthi ngolimi lwesiRashiya, ukuthi *Khrushchev* kusho “ubumba.” Futhi ukuthi *Eisenhower* kusho “insimbi,” ngesiNgisi. Nanso insimbi yakho nebumba, ngeke kuxubane. Futhi wakhumula isicathulo sakhe futhi washaya ngaso into yokuma, nakho konke okunye. Ngeke kuxubane.

127 Kodwa kwakungezinsuku zalemibuso ukuthi iDwala, Itshe elaqheshulwa entabeni, kungengazandla, lashaya umfanekiso ezinyaweni. Manje, “Laqheshulwa entabeni.” Kusho ukuthi kwakuyintaba yetshe. Laqheshulwa entabeni yetshe. Manje, niqaphelile na?

128 Manje, bazalwane abangabefundisi, nabafowethu nodadewethu, ezweni lonke. Ngokuqonda kwami, iBhayibheli lokuqala elabhalwayo, uNkulunkulu walibhala esibhakabhakeni, ngoba bafanele babuke phezulu futhi babone ukuthi kukhona u—uNkulunkulu eZulwini, ukuthi uNkulunkulu ungaphezu kwabo. Futhi uma uqaphela emgamwini wezulu eliphezulu izodiyeki . . . Manje akekho yini noma ubani wenu bantu ohamba . . . Hlalani ngqo naleliBhayibheli lapha. Niyabo? Kodwa, i—izodiyeki, kuqala ngokokuqala kwizodiyeki, njengoba ngiqonda, yintombi; okokugcina enombolweni yezodiyeki yiMbube iNgonyama. Lokho ukuFika kokuqala kukaKristu, ngentombi; ukuFika kwesibili, yiNgonyama yesizwe sakwaJuda. Niyabo? Bese siba nonyaka womdlavuzo, kanti, futhi, kwehle njalo ngezodiyeki.

129 Manje, sithola ukuthi kwakukhona elinye elalibhaliwe, noma elinye elabekwayo, futhi lokho kwakuyizivivane. Nike naqaphela kwizivivane, ukuthi saqala kanjani, sibanzi phansi ekugcineni, njengentaba, sakiwe ngedwala eliqinile, senyuka njalo saze safika esiqongweni na? Kodwa sasingekho neze isivalo

esabekwa esivivaneni, isivivane esikhulu lapho eGibhithe. Khipha eyakho...Uma unemali eyidola ephaketheni lakho, khipha imali eyidola uyibheke. Futhi uzothola lapha uphawu lwaseMelika ngakwelinye icala, nangakwelinye icala linalokhu, phansi ekugcineni, isivivane. Futhi ngaphezu kwesivivane, itshe lokuvale phezulu, kodwa yiso elikhulukazi. Futhi libizwa ngokuthi, phansi ekugcineni kwalesisivivane, “Uphawu olukhulu.” Kungani ukhozi lwaseMelika lungabi wuphawu olukhulu na? Lolo wuphawu lukaNkulunkulu. Khumbulani, sasivamise ukucula iculo elincane:

Njalo emgwaqeni oya ekhaya langempela
lomphefumulo.
Kukhona Iso elikuqaphele;
Zonke izinyathelo ozithathayo, leliSo elikhulu
liphapheme,
Kukhona Iso elikuqaphele.

Kunjalo. Khumbulani, sasivamise ukuba nejubili elincane—
elincane, sithi.

Uma weba ukhohlisa futhi uqamba amanga,
nasebandleni ufakaza,
Kukhona Iso elikuqaphele.

¹³⁰ Manje, uphawu olukhulu. Manje, siyazi, futhi angikuqondi, ukulinganiswa kwesivivane. Kodwa kade nginitshela nje bantu ekugcineni, kokunye kwalokhu ukufundisa okuzayo, ukuze nikubone konke kuhamba kuqhubeka ngqo, kanye kanye.

¹³¹ Manje, isivivane saqala, ukumela iBandla, sibanzi phansi ekugcineni. Futhi lapho lokho kwenyuka kusondela esiqongweni, siqala ukuba kakhulu si—simisise okwefonela.

¹³² Manje, siyathola, siqonda ngqo size siyofika esihlokwani sesiqongo, futhi abazange neze basiqede. Ngani na? Ngani na? Ngiyamangala ukuthi kungani! Ngoba iBhayibheli lathi itshe eliyiNhloko lenqatshwa. Benqatshwa.

¹³³ Manje qaphelani, unyaka webandla...Lalelisisani manje. Ningakugeji lokhu. Unyaka webandla uvele ekuqaleni kwenguquko, uLuther, emuva ezikhathini lapho khona amatshe esisekelo labekwa khona, okuyimfundiso yabaphostoli. Beseke siyathola, lapho izikhathi ziqhubeka, kusukela onyakeni kuya komunye, iBandla liya ngokuya liba yingcosana ngesibalo ngaso sonke isikhathi. Laze lathi, ledlula njenge...ULuther washumayela ukulungisiswa. Ngaleyonkathi, ukuba nje, uvume ukuthi ungumKristu, babekubulala, izinsuku zokufela ukhoho, abafelukhoho.

¹³⁴ Manje sithola ukuthi, ngezinsuku zikaWesley, wawungumginqiki ongcwele uma wawuvume uKristu ngaleyonkathi, leyo methodisti entsha. Abantu baphuma lapha ngenkathi uWesley eza lapha, noAsbury, babenemihlangano lapha eMelika, befunda umlando wabo, lapho ababenayo

ezindlini zezikole. Amabandla abo lapha ayengabavumeli. Futhi kwakuthi ekugcineni bayithole indawo uMoya oNgcwele uze wehlele kubo, futhi bawe phansi, futhi babathele ngamanzi, babashayise umoya ngefeni, becabanga ukuthi babequlekile. Futhi sengike ngabakhona impela emihlanganweni yabo qobo lwami, eminyakeni yami engamashumi amahlanu. Futhi ngike ngababona bewa ngaphansi kwamandla kaMoya oNgcwele kanjalo, futhi babathele ngamanzi ebusweni babo, nakho konke, amaMethodisti amadala akhululekile, iminyaka eminingi eyedlula. Lokho kwakungukuzingelwa.

¹³⁵ Manje, manje-ke, emva kwalowonyaka okwakuphilwa ngawo, unyaka wamaWeseli, wangena onyakeni wamaPentecostal nombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Niyabo, niyalolongeka, sonke isikhathi. Manje khumbulani, lelotshe eliyiNhloko lalingakabekwa phezu kwaso. [UMfowethu Branham wabhala okuthize ebhlekhhode wase ekuqhwabaza ngoshoki kabili—Umhl.] Ngani na? Balolonga iBandla kanjalo impela, noma isivivane ekulolongekeni ukwenela itshe eliyiNhloko, kodwa itshe eliyiNhloko alizange lifike. O, niyabona ukuthi ngikuphi, aniboni!

¹³⁶ Manje, inkonzo evela kuLuther kuze kube sekupheleni kwePentekoste, kuleyongcosana encanyana ngesibalo phezulu lapha... Yingalesosizathu ukuKhanya kucishe kuphume impela, kulonyaka, lapho ekhalendeni, eshadini. Ngunyaka wepentekoste, ipentecostal; hhayi—hhayi amahlelo angamaPentecostal, ngoba enze okufana impela neLawodikeya. AyiLawodikeya. Enza njengamaNikolawu, ahlela.

Kodwa iBandla langempela, emhlabeni jikelele, lilolongeke phansi kuya endaweni lapho okuza khona inkonzo phakathi kwaLo, efana impela nje nenkonzo kaJesu Kristu. Manje banani na? Banento esesimweni. Manje yini into elandelayo na? LeliTshe elinqatshwayo, lesivivane, laqheshulwa entabeni (kungangani na?) kungengazandla. UNkulunkulu waLithuma. Niyakubona na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Onqatshiweyo, iTshe elinqatshiweyo, liyinhloko yaLeli; liyinhloko, itshe lokuvala phezulu. Futhi yena Lowo impela abamenqabileyo, ngonyaka wabeZizwe, nguKristu. Futhi uKristu akanqunywanga wase efakwa phakathi lapha njengombambeli, noma indodana kaNkulunkulu, noma isikhulu esithize ebandleni. UnguMoya oNgcwele. Nesivalo sesivivane siyoba nguKristu efika. Niyakubona na? [“Amen.”]

¹³⁷ Manje, ngenxa yokuthi basekulolongekeni, (Niyabona ukuthi ngikutholephi lokhu okulolongwe lapha njengesivivane, ukuvuka kwabangcwele na?) kwenza imashi iya eNkazimulweni. Niyakuqonda manje na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UKristu, itshe eliyiNhloko, iTshe elinqatshiweyo, iSo elibona konke, liza impela njengoba kwasho iBhayibheli. NoDanyeli wathi wawuqaphela lonyaka wabeZizwe kuze kuphume

iTshe entabeni, elalingaqheshulwanga ngezandla. Abakaze babeke itshe lokuvala phezulu kulesosivivane. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kabili.] Aliqheshulwanga ngezandla zomuntu. Yisandla sikaNkulunkulu esiqhephula iTshe. Niyakubona na? ["Amen."] Futhi Lenzani na? Lashaya umfanekiso washayeka ngqo ezinyaweni, futhi lazichoboza, lazigaya zaba yimpuphu. Haleluya! Kwenzekani ngalesosikhathi, ukufika kwaleloTshe na? [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane.] Lenyuka iBandla langena eNkazimulweni, ekuHlwithweni, ngoba laqeda isikhathi sabeZizwe. UNkulunkulu wasiqeda; ukufika kwaleloTshe.

¹³⁸ Kwakuvamise ukubakhona abantu abathize abeza lapha ebandleni, indoda encane nomkayo. Babethatha iBhayibheli futhi baLibeke phansi ndawo ndawo; bese behambisana, becula:

O, ngibheke leloTshe elalinqika eBabiloni,
Liginqika eBabiloni... (Behamba bezungeza,
befunisisa lelo, niyabo.)
Ngibheke leloTshe eliza liginqika liyongena
eBabiloni.

¹³⁹ Nango! UKristu uyileloTshe. Akazalwanga ngumuntu. Wazalwa nguNkulunkulu. Uzela iBandla elizalwe kabusha, ngoMoya kaNkulunkulu, ngoba ukuqina kwalelotshe eliyiNhloko kugijima iBandla lonke, njengozibuthe.

¹⁴⁰ Ngiyakhumbula ngokuba phezulu lapha, ngiqaphele lowomshini ngalesosikhathi, lapho ababelolonga zonke lezozinto. Nakho konke lokho okuyizikerebha kubekwe lapho, futhi bakushanela bakukhipha. Lelotshe elikhulu lafika lakucosha, lelotshe elinguzibuthe omkhulu, futhi lakucosha konke ngoba kwakubutheka.

Sifanele sibutheke kulelotshe eliyiNhloko. Lelotshe eliyiNhloko nguMoya oNgcwele, uKristu. Futhi sonke sinabo lobo buzibuthe buka Moya oNgcwele. Lapho leloTshe lishaya umfanekiso, iBandla liyobalekela kuLo, libuye liyongena eNkazimulweni. Liyothathwa liyiswe phezulu, ekuHlwithweni kwabangcwele, uma Liphuma ngalolosuku.

¹⁴¹ Manje, bukani lapha. Siyathola ukuthi, amaJuda manje kade ebuyela emuva, cishe iminyaka engamashumi amane, cishe ngesikhathi esifanayo esiwathathe ukuba aphume abaleke ekubhujisweni kwethempeli. Kuwathathe cishe iminyaka engamashumi amane ukubuya, aze aphinda alayezela elinye ithempeli. Niyabo, sisekupheleni kwendlela impela. Awu, uma abeZizwe... .

¹⁴² Manje asithathe... Sibona iBandla, ukufika kweTshe. Asithathe unyaka wokugcina. Sedlule kuwo. Siyabona manje. Ngikholwa ukuthi nginokunye okubhaliwe lapha ngalokho. Asibone, umzuzu nje. "Nombusi ozayo, ongumphikukristu,

uyokwenza isivumelwano namaJuda.” Futhi kuDanyeli 7... noma—noma 9:27. “Futhi phakathi kwesonto, iminyaka emithathu nengxenye eyodwa, isilo siyokwenza isivumelwano saso...” Ngi—ngifuna ukungena kulokho, kamuvanyana, lesosivumelwano. Sifuna ukusuka...Ngifuna ukuqala khona lapha manje.

¹⁴³ Ngamunye waleminyaka yabeZizwe ufakazelwe ngokungenasiphosiso ngesithunywa sayo, ngomlayezo, nokuthi kuzokwenzekani.

Lonyaka *lapha* wawungunyaka wenkazimulo.

Unyaka olandelayo, kwathi kuyobakhona imfundiso ebizwa ngokuthi, noma kungene okuthize, okuthiwa, “yizisho zamaNikolawu.”

Bese kufika, into elandelayo, emfundisweni.

Bese kufika, umshado we...ebandleni lamaNikolawu, nokuzingela abangcwele. Yonke into yenzeka ngaleyondlela nje.

Sifika kolandelayo, kuqala ukuKhanya okuncanyana nje “Unamandla amancane, futhi unegama lokuthi uyaphila, kanti ufile. Qinisa lokho osunakho vele, funa Ngifike, ngilususe uthi lwesibani.”

¹⁴⁴ Sekufika uWesley, emuva kwalokho, nonyaka wakhe. Sibone impela oku...uNyaka kaWesley, wawubizwa ngokuthini na? OwaseFiladelfiya. Unyaka omkhulu ukwedlula yonke—unyaka wothando kwesesake sabanawo, unyaka waseFiladelfiya, wawukhona impela esikhathini sikaJohn Wesley.

Ngenkathi ephuma, kungena iPentekoste, futhi leso kwakuyisivivi.

Bese sibuyela emuva futhi sithole ukuthi hlobo luni loMlayezo olwaluzofika kumaPentekostal, ekupheleni.

Khumbulani, ngamunye ufika ekupheleni konyaka. UPawulu oNgewele ufika ekupheleni. Bonke abanye bafika ekupheleni, uIrenaeus oNgcwele nabo bonke abanye. Unyaka womunye wawuqhubekela komunye, welakanyane nomunye, futhi uwuthathile wawenyusa futhi waya komunye unyaka nawo. Niyabo?

¹⁴⁵ Manje, siyathola, kulonyaka, kukhona inkanyezi, njengoba sinayo lapho. Sinenkanyezi, isithunywa. Sinomuntu, u—uMlayezo ophuma uye onyakeni; abantu ukuba baWenqabe; abantu ukuba baWemukele. Nesithunywa salonyaka sasizofika emandleni ka Elisha. Kunjalo. Futhi wayezo “Buyisela ukuKholwa kwabantwana kubuye kobaba, alethe insali yepentekoste, esele, ibuye ekuKholweni kweqiniso kwabaphostoli.”

¹⁴⁶ Manje, ukuKholwa kweqiniso kwabaphostoli, uma nizoKufunda eNcwadini yeZenzo, nizothola ukuthi

kwakungakaze kubekhona nesisodwa isikhathi lapho umuntu, oyedwa ake abhaphathizwa, “iGama lika ‘Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele.’” Kwakungakaze kubekhona noyedwa wabo owake wafafazwa. Kwakungekho nokukodwa kwalento esinayo eyenzekayo namhlanje, ethiwa yiPentekoste, eyake yenzeka emuva lapho. Babenezibonakaliso ezenzekayo zeqiniso, noMoya kaNkulunkulu phakathi kwabo, leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu engenakuphosisa isebenza nabo.

Lomuntu obezovela, loMlayezo, njalo, obuzovela, wawuzoba njengo Elija. UELija wayezofika kathathu.

Manje nina nithi, ukuthi, “uJohane umBhaphathizi wayeyilowo mfo.” Uma niqaphela, uJesu wathi kwakunguJohane umBhaphathizi owayeyisithunywa sikaMalaki 3, hhayi uMalaki 4. “Bhekani, Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi.” Ngicabanga uMathewu 11:6, khona ezansi phakathi lapho nizokuthola, uMathewu isahluko 11.

¹⁴⁷ Manje, kodwa kulolu izinsuku zokugcina, kuzofika uMoya kaElija phakathi kwabantu, futhi uzokwenza into efanayo nabayenzayo emuva lapho. Imvelo yakhe iyoba yinto efanayo, imvelo yeBandla. Imvelo yo—yomuntu iyoba yinto efana impela. NalowoMlayezo uphuma, uzama...Uyozondwa, nabantu. Uyozonda abesifazane, abanesimilo esibi, empeleni, ababi. Athande ihlane; abe nesimo-mqondo, umfo ochithayo ngasonke isikhathi, njengoba wayenjalo uElija, futhi njengoba wayenjalo uJohane. Futhi siyibonile yonke lento ifezeka. Ukuba besinoMlayezo, sibona uKristu enqatshwa. Ufanele ube kweyodwa yalezizinhlangano kungenjalo ungeke ungene kuzo. Ngakho, Yena, Ulahlelwa ngaphandle. Niyabo? UKristu angeke asebenze phakathi kwazo.

“Uyini na?”

“UmKristu.”

“Ungowaliphi ihlelo na?”

“Angisuye owanoma yiliphi.”

“Ngeke sakusebenzisa.”

¹⁴⁸ Niyabo, Wenqatshiwe. Kunjalo! Niyabo, wenqatshiwe! Kanjalo no Elija wenqatshwa, futhi kanjalo noJohane wenqatshwa. Kodwa, ini, ngabe kwabalimaza na? Ngabe kwawulimaza umlayezo wabo na? Bathi, “O, nina bontamo zilukhuni.” Bakuthululela kubo. Babengancengi lutho. Baqhubeka ngqo. NoMlayezo kaNkulunkulu uyolokhu uqhubeke, kungakhathaleki ukuthi ubani utheni, niyabo, kwaze kwaba sekupheleni, futhi lapho i. . . lokho okunqunyelwe ukwenzeka kuyothululwa. Futhi sisekupheleni.

¹⁴⁹ Manje, sizithola thina manje, eminyakeni engamashumi amane yokubuya, kusukela eMpini yokuQala yoMhlaba,

namaJuda asebuyele ezweni lawo. UNkulunkulu akazange neze aphathelane noIsrayeli waze waba sezweni lakhe.

¹⁵⁰ Manje, niyakhumbula ngenkathi amaJuda ebuya, lawomaJuda asuka phansi kwezinye izizwe, nephephabhuku i *Look* inikeza indatshana yakho. Ngifunde esiqeshini esisikwe ephephandabeni kwelinye iphepha, elinye iphephabhuku lezenkolo, ukuthi ngenkathi be . . . Lawomabhanoyi ehlela lapho ukuba acoshe lamaJuda ezansi le eIran. Futhi angazi ukuthi onke ayekuphi, ahlakazeka nje phansi.

Manje, lawo ngamaJuda angempela, lawo angakaze abe nethuba. Manje, mfowethu, nazo izinkulungwane zakho eziyikhulu namashumi amane nane. Uma sifika eZambulweni 11, nizowabona. Wathi, “Kukhona izizwe eziyishumi nambili (zikaGadi), izizwe eziyishumi nambili (zikaAsheri), izizwe eziyishumi nambili (zikaRubeni), izizwe eziyishumi nambili . . .” Futhi zonke zazimi kuphi na? Entabeni iSinayi. AmaJuda, esebuyele ezweni lendabuko, ayelapho-ke. Ayeyilawo elalingesilo leli eliyiqenjana labakhuthuzi base Wall Street. Qhabo, mnumzane. KwakuyiJuda langempela.

¹⁵¹ Futhi lapho loworabi omdala ema phandle lapho futhi wayibona lebhanyoni yehlela phansi, lawomaJuda. Nakufunda kwiphephabhuku. Ayosalokhu elima ngamageja okhuni. Futhi ngenkathi ebone leyonto yehlela phansi phandle lapho, ayengayizungezi. Loworabi omdala wama phandle lapho wayesethi, “Khumbulani, umprofethi wethu wathi, ‘Uma sesibuyela ezweni lakithi lendabuko, siyothwalwa sibuye ngamaphiko okhozi.’”

Izizwe ziyehlukana, uIsrayeli uyaphaphama
Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo.

Silungiselela ngisho ukubashayela lelosonto lesikhombisa.

¹⁵² Ngicabanga, ngami uqobo, ngimi phandle lapho, ngenkathi uMfowethu Pethrus ewathumelela lawomaTestamente amancane ezansi, futhi awafunda. Bathi, “Awu, uma lo kunguMesiya, a—asiMbone enza isibonakaliso somProfethi; uma Engafile, Uyaphila.” Athi, “Wavuka futhi; Uphila eBandleni laKhe; asiMbone enza isibonakaliso somProfethi, futhi sizoMkholwa.” AmaJuda njalo likholwa . . . Ayazi ukuthi uMesiya wayezoba ngumProfethi.

¹⁵³ Futhi ngesikhathi ngima ngaleya kwaMfowethu Arganbright ngalolosuku, endaweni, nalawomaJuda emi lapho, athi, “Woza endaweni yakithi nje, abantu bakithi.”

¹⁵⁴ Ngathi, “Impela, ngizojabula ukuza.” Ngenza isinqumo nje, masinya kakhulu.

¹⁵⁵ Ngafika eCairo, eGibhithe. Ngobunye ubusuku, ngenkathi kade ngibona leyobhanoyi yehlela lapho eCairo, yangikhumbuzwa. Ngakho ngenkathi sesifike emuva lapho,

futhi nganginalo ithikithi lami lokuba ngenyukele kwaIsrayeli, ayezongihlangabeza. Ngathi, “Hamba, uqoqe izinkulungwane ezimbalwa zabaholi. Uwakhipele ebhanoyini ndawo ndawo, sizothola ukuthi Usenguye umProfethi noma qha. Amen. Awu, asibone ukuthi Uzokwenzani.” O, lokho kwase kusesandleni sawo nje ngqo. Yilokho ayekufuna. Uma ayengakubona lokho, ayezokukholwa.

¹⁵⁶ Pho ngenzani na? Ngehlela lapho eCairo, ngase ngiqala ukwenyukela lapho. Sengivele nginalo ithikithi lami; cishe sekuyimizuzu engamashumi amabili yesikhathi sokubizwa. Into ethize yathi, “Hhayi manje. Isitsha sobubi, sabeZizwe, asikagcwali okwamanje. Ama-Amori alikagcwaliseki. Ungasondeli lapho!” Ngacabanga ukuthi mhlawumbe nje bengizicabangela mina lokho, futhi ngaphuma ngaya emva kwendlu enkulu yamabhanoyi ngakhuleka. Yathi, “Ungasondeli lapho manje.” Ngase ngithatha ithikithi lami ngaya kwenye indawo. Angiyanga, ngoba ihora alikafiki okwamanje.

¹⁵⁷ Manje, yisiphi isikhathi uNkulunkulu azovumela ngaso lawomaJuda, ukuba aqale aphilanelane nawo futhi, ngeke nganitshela. Angazi. Akekho okwaziyo lokho. Kodwa, lalalani, uma uIsrayeli esevele esezweni lakhe lendabuko, konke sekumi ngomumo. Onke amadwala liyacoshwa, nokunisela ngenkasa, amanzi, nakho konke uNkulunkulu akwethembisayo. Athola imithombo nezinto lapho, nemifudlana evulekile emikhulu, leyo yindawo enhle kunazo zonke esenake nazibona. Anedolobha elakhiwe lapho. Anenkasa eniselayo. Anezwe elihle kunawo onke kwelikhona emhlabeni, lapho. Futhi sithola ukuthi, khona impela oLwandle oluFile, kunamakhemikhali amaningi; enele, ukuthenga umhlaba wonke. Niyabo?

¹⁵⁸ Yonke into iwele esandleni sawo ngqo. Akwenza kanjani na? Ngoba inhliziyo kaHitler yenziwa yabalukhuni, inhliziyo kaMussolini yenziwa yabalukhuni, njengenhliziyi kaFaro nje yenziwa yabalukhuni, futhi ewaxosha ewabuyisela kulelozwe. Futhi iminyaka engamashumi amane abebuya engena kulelozwe. Manje ahlezi lapho, alindile.

¹⁵⁹ IBandla labeZizwe likwelaseLawodikeya, ukuphela koNyaka waseLawodikeya. Uma... AmaJuda asezwani lawo lendabuko, aselapho vele. Nokuhlubuka kwabeZizwe sekuvele kwenzekile. Futhi sinoMongameli njengoba sinaye. Sinesizwe sephuke njengoba sinaso. Sinamabhomu e atomu alenga ezindlini ezinkulu zamabhanoyi. Sinebandla elisivivi. SineBandla, abantu, abazisondeze ndawonye. Sinenkonzo elandela iphethini yenkonzo kaJesu Kristu, ukuba ibambe iTshe uma seLifika. Yini esele ukuba yenzeke na? Kungahle kube noma ngamuphi umzuzu. Akusekho okunye okusasele. Sisesikhathini sokuphela. O, udumo! Angazi noma ngizokwazi yini ukungena kulelojubili, noma qha, kodwa nje ngifuna—funa ukunitholela ingxenye yalo, noma ikanjani.

¹⁶⁰ Lalelani. Ngabe . . . Bangaki asebebona manje na? Niyabona ukuthi kukuphi lapho umBhalo ufakazisa khona ukuthi amasonto angamashumi ayisikhombisa kwakuyiminyaka engamashumi amane-nesishiyagalolunye na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyabona ukuthi amasonto angamashumi ayisithupha-nambili ayekuphi iminyaka engamakhulu amane namashumi amathathu-nane na? [“Amen.”] Niyabona ukuthi la—la—lalikuphi amasonto a—angamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye ngaleyonkathi . . . Kwakuyini na? Amakhulu ayisishiyagalombili ne . . . Iminyaka engamakhulu amane na—namashumi ayisishiyagalombili-nantathu. Iminyaka engamakhulu amane namashumi ayisishiyagalombili-nantathu kuze kube yilesisikhathi. Niyabona ukuthi uMbusi wanqunywa kuphi na? Niyabo, uthatha iminyaka engamashumi amane yalawomaJuda kuthi ekugcineni angena endaweni yawo, lapho uNkulunkulu asho khona.

¹⁶¹ Bukani ngapha lapho unyaka wabeZizwe wedlule khona kuyoyonke into esithe uyoyenza; lapho, akusikho ukuthi sithe uyoyenza; lokho iBhayibheli elithe uyokwenza. Lokho iBhayibheli elithe uyokwenza, kwehle njalo kufike kulonyaka wokugcina; futhi iminyaka engamashumi amane lawomaJuda belibuyela phakathi lapha, ezilungiselela ukuba uNkulunkulu enze khona impela Akwenzayo lapha. Aphuma ngaleyondlela, futhi angena ngaleyondlela. NoIsrayeli usebuyele ezweni lakhe lendabuko.

¹⁶² Manje, uNkulunkulu uzoliqala nini isonto lawo lokugcina na? Nini na? Kungaba namhlanje. Kungaba ngaphambi kokuba ilanga lishone kulobubusuku. UNkulunkulu uzokumemezela. Ukuthi kunini, angazi. Ngiyamangala. Kodwa ngizoletsa okuthize lapha, manje, emizuzwini embalwa, futhi angazi noma nizokukholwa noma qha. Kodwa ngi—ngi—ngifanele ngikusho, empeleni, ngiyakholwa.

¹⁶³ Sisezweni lendabuko. AmaJuda asezweni lendabuko. Sisekupheleni konyaka, silungele uHlwitho. UHlwitho luyafika, iBandla liyenyuka, siyahlwithwa ukuba siYihlangabeze emoyeni. Sonke siyakwazi lokho. ITshe elaqheshulwa entabeni, selikulungele ukufika noma yinini. Futhi uma Lifika, Lenzani na? Liqeda unyaka wabeZizwe. Usuphelile, noNkulunkulu ngokuphelele uyayeka ukuphathelana nabo. “Ongcolile makazingcolise njalo; ongcwele makazingcwelise njalo.” Niyabo? Bese enzani-ke? Uthatha iBandla laKhe, abagcwaliswe ngoMoya oNgcwele.

¹⁶⁴ Yini uku “ngcola”? Leyo yintombi elele nalabo onyukela ukwahlulelwa, ngaleya phakathi *lapha*. Sizokuthola lokho kwenye imephu, uma siqhuba lokhu ngale, lapho yenyukela khona ekwaHlwelweni kwesiHlalo sobukhosi esiMhlophe futhi izofanele yehlulelwe ngabahlengiweyo. UPawulu wasitshela ukuthi singalusi udaba enkantolo, ngoba abangcwele

bayokwahlulela umhlaba. Kunjalo. Sisesikhathini sokuphela, *lapha*, manje. [UMfowethu Branham ukhomba emdwebeni wakhe osebhlekbhode—Umhl.] Kulungile.

¹⁶⁵ Futhi phakathi kwalelisonto. . . Manje, nanka amashumi ayisikhombisa. Manje, uma impela lena kwakuyiminyaka eyisikhombisa, ngalinye lamasonto, futhi sesivele sibenawo amasonto angamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye; khona-ke sinonyaka wabeZizwe, futhi siyazi ukuthi sisekupheleni konyaka wabeZizwe; ngakho-ke kukhona isonto elilodwa elisasele leJuda. Kunjalo na? [Ibandla, “Amen.”—Umhl.] Futhi lokho kuyiyo impela iminyaka eyisikhombisa. Uma *lokhu* kwakuyiminyaka eyisikhombisa, *lokho* kuyiminyaka eyisikhombisa, ngoba Wathi, “Kukhona amasonto angamashumi ayisikhombisa anqunyelwe abantu bakho.” Ngakho siyazi sineminyaka eyisikhombisa yamaJuda. Yiqiniso lelo na? [“Amen.”] Manje ake nikubuke. Uma kukhona umbuzo, ngifuna ukuwazi. Niyabo?

¹⁶⁶ Manje, futhi phakathi nesonto, phakathi nalelisonto lamaJuda; niyabo, lokho yiminyaka—yiminyaka emithathu nengxenye; umphikukristu, umbusi, umbusi ozofika. Futhi khumbulani, uphuma eRoma, umbusi ozofika. Uyini na? Uphapha. Umbusi phakathi kwabantu, ozofika, kuyovuka uFaro ongamazi uJosefa.

¹⁶⁷ Manje, nina-maProtestane nithi, “Awu, manje, yilokho.” Kodwa umzuzu nje. Sithola ukuthi amaProtestane inenhlango, yenza umfelandawonye wamabandla, umfanekiso wesilo, futhi sihamba nawo ngqo.

¹⁶⁸ Futhi siyathola lapha ukuthi amaJuda abizelwa kulomfelandawonye, (yebo, mnumzane), futhi ayavuma. NeBhayibheli lathi akwenza. Futhi wenza isivumelwano nawo.

Phakathi nesonto lamashumi ayisikhombisa, wephula, umphikukristu wephula isivumelwano sakhe neJuda, “abantu bakho.” Ngani na?

Futhi sifunda eZambulweni 11, ukuthi, “Ngizothuma. . .” Leso ese 11. Niwelela ngale ngakwese 19 manje. Ukuthi Uzothuma abaprofethi baKhe ababili, futhi bazoprofetha ngalesosikhathi, bayobe-ke seabathukuthelale-ke labaprofethi futhi empeleni bababulale. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Nezidumbu zabo ziyolala emgwaqeni wokomoya othiwa yiSodoma neGomora, lapho iNkosi yethu yabethelwa khona, iJerusalema. Kunjalo na? [“Amen.”] Futhi balala lapho izinsuku ezintathu nobusuku. Futhi emva kwezinsuku ezintathu nobusuku, umoya wokuphila uyongena kubo, futhi bayovuswa baye eNkazimulweni. Ingxenye yeshumi yedolobha yawa ngalesosikhathi. Kunjalo na? [“Amen.”] Niyabo? Kuyini lokho na? Phakathi kwaleminyaka engamashumi ayisikhombisa yokugcina.

¹⁶⁹ Uma iBandla lenyuka; bese-ke kuba ngumfelandawonye, intombi elele, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, nePentekoste esivivi, bonke bendawonye nomfelandawonye. Okungukuthi, sebevele banayo inkambiso yabo enkulu yokuphatha manje. Futhi uma bekwenza, bayokwenza isivumelwano. Futhi, awu, manje, lophapha omusha esinaye manje ufuna ukubangenisa bonke. Aniyiboni into ikhula iqonga ngqo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uzoba nenkulumo ngakho, futhi angenise bonke, okokuqala eminyakeni engamakhulu ngamakhulu ngamakhulu; iminyaka eyinkulungwane, noma ezimbili, selokhu kwenziwa. Kodwa manje uzobangenisa bonke, kanyekanye, futhi enze umfelandawonye, futhi phakathi lapho amaJuda azokwemukela. O, he! Udumo! Haleluya! Akabongwe uNkulunkulu wethu Ophila phakade naphakade! Nakho lapho okhona! Manje, mfowethu, kulula kanjalo nje, kulula ngangokuthi ingane encane ingakubona. Umfelandawonye wokuletha amaJuda, iProtestane, neKatolika ndawonye.

Futhi, khumbulani, bazokwenzani lababaprofethi ababili uma befika na?

¹⁷⁰ Lesisilo, lombusi oyohlakaza amandla abantu abangwele, uyokwenzani na? Uyokwephula isivumelwano sake nabo. Emva kweminyaka emithathu nengxenywe, uyobaxosha. Manje, abantu ucabanga ukuthi lobo ubukhomanisi. Lokho yingoba nje ni. . . UMoya kaNkulunkulu awukaphathelani nani okwamanje. Akusibo ubukhomanisi; yinkolo. IBhayibheli lathi, “Kuyosondelana kakhulu kuze kudukiswe nabaKhethiweyo impela uma kungenzeka.” UJesu washonjalo. Niyabo, sisekugcineni.

¹⁷¹ Manje, lababaprofethi ababili, bayokwenzani na? NguMose noElija abayovuka esigcawini. Bayotshela lawomaJuda iphutha lawo. Futhi kulesosigejane samaJuda esilapho manje, esizoba yizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, uNkulunkulu uyobiza ngalababaprofethi. Kuyini na? UMoya kaElija, ophuma kuleliBandla labeZizwe, uyovele nje uqhubeke ngqo uyongena ebandleni lamaJuda, ungene ngqo futhi ubize; benoMose. Haleluya! Niyakubona na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi uyoshumayela umlayezo ofanayo wepentekoste, kulawomaJuda, ukuthi enqaba uMesiya. [Umfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kasithupha.] Amen! Niyakubona na? [“Amen.”] Kuyoba umlayezo ofanayo wepentekoste, lamaJuda ayowushumayela awedlulisele kuwo ngqo. Futhi bayowazonda kabi kakhulu lawomaJuda bayoze bawabulale. Futhi ayezondwa yizizwe zonke. Futhi phakathi nesonto, ngenxa yokuthi evuse abakhulu, abanamandla abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane. BabenoMoya oNgcwele. Futhi, mfowethu, ukhuluma ngokwenza izimangaliso, azenza. “Bamisa amazulu, futhi alinanga ngezinsuku zokuprofetha kwabo; bashaya umhlaba

ngezinhlupho, noma kungaba kangaki ngokuthanda kwabo.” Banika izinhluho nakho konke okunye. Bayonika lawomaRoma indlela elukhuni yokuhamba. Kodwa, ekugcineni, bayobulawa. UNKulunkulu wethu unguNKulunkulu owesabekayo uma Ethukutheliswa. Kodwa khumbulani, lokho kungale esontweni lamashumi ayisikhombisa, neBandla seliseNkazimulweni, (amen), iSidlo sakusihlwa soMshado siyaqhubeka. Yebo!

¹⁷² Manje qaphelani. Yilapho esiLibone khona libuyela eThempelini lesikhathi seminyaka eyiNkulungwane ngapha ekupheleni konyaka wamaJuda, “abagcotshiweyo.” Nangu Efika, egibele ihashi elimhlophe; labo abaMlandelayo, begibele amahashi amhlophe. *Ihashi*, “amandla.” Begqoke izingubo ezimhlophe; igazi...noma ingubo ecwiliswe egazini; kulotshiwe kuYe, “ULizwi kaNKulunkulu.” Ufika njengoMnqobi onamandla, (yebo, mnumzane) ukuzomisa isikhathi seminyaka eyiNkulungwane, angene eThempelini. Udumo! Nango Ehlangana nalezozinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane, manje, emva kwalelonto lamashumi ayisikhombisa lapha.

¹⁷³ Isonto lamashumi ayisikhombisa, lokhu kwenzeka ngesikhathi sesonto lamashumi ayisikhombisa. Kwelesithathu, phakathi nalo, uyalephula, ngoba ubulala labobaprofethi ababili bepentekoste (. . . mnumzane) oshaya umhlaba.

Futhi, mfana, Uqalekisa lelobandla, futhi Ulishisa ngomlilo. Futhi, ngani, li. . . Silithola phandle lapho, ngisho namatilosu emi phandle, athi, “Maye, maye lowomuzi omkhulu ongayikufa waseRoma, ufika ekupheleni kwawo ngehora linye.” Waqhunyiswa waba yizingcezu. UNkulunkulu uyazi ukuthi izinto zenziwa kanjani. Nenye yeziNgelosi yabheka ngale, yayisithi, “Ngani, igazi labo bonke abafelukholo bakaKristu latholakala kulo,” ngenxa yokudukisa kwalo, liphume lapha lihlele, futhi lenze yonke lenhlobo enye yento, futhi lona ibandla, futhi langenisa lezozinto lapho, futhi labulala ngokufela ukholo bona impela laba ababezama ukuLibamba futhi bazama ukubakhipha.

¹⁷⁴ Udumo! O, a—angazi. Ngi—ngi—ngizwa kuthi mangihambe ngiqhubeka. Niyabo? Anijabuli yini ngokuKhanya kweNdodana, nihamba ekuKhanyeni kweNdodanana! Sikuphi, mfowethu na? Ehoreni lokugcina! Kungenzeka, noma yinini. Silapha!

¹⁷⁵ U—uMlayezo uphume waya ebandleni lakamuva, ibandla elenqaba uKristu walo. AmaJuda asenzweni lawo lendabuko ngenxa yobubanzi bebanga lesikhathi, iminyaka engamashumi amane. Umuzi omusha sewakhiwe. Abheke ini na? UMesiya ozayo. Kuyoba nini na? Angazi. Uma leloTshe lishaya umfanekiso *lapha*, Selihambile; kuyobe sekuphelile-ke.

¹⁷⁶ Manje qaphelani lapha. Phakathi kwesonto, izinsuku ezintathu nengxenye. . . iminyaka emithathu nengxenye, njalo,

wephula isivumelwano futhi wenza ukuba umhlatshelo neminikelo . . . abayobe sebekumisile vele.

Imbangela, bayobuyela emuva ngqo bathi, “Manje, bukani, nonke ningamabandla. Ningemukelwa kulomfanekiso wesilo. Sizoba nenhlanganyelo. Sizoxosha ubukhomanisi. Sizovele nje sibubhaxabule ubukhomanisi buphume bonke.” Niyabo? Futhi bangakwenza. Niyabo? Futhi bazokwenza.

¹⁷⁷ Kodwa manje qaphelani. Futhi bakumise, futhi bamise kulokhu, ukukhonza kwansuku zonke nomhlatshelo kuyobuya kungene emzini lapho ithempeli liphinde lakhiwa. Nalombusi ozayo phakathi kwalelisono, uyokwephula isivumelwano sakhe futhi achithe imihlatshelo. Lathi, “Uyohlakaza, awuhlakaze.” Futhi lokho ayokwenza, futhi kuyohlala kuze kube wukuphela.

¹⁷⁸ Futhi qaphelani:

. . . *ngephiko lesinengiso* ukwenza incithakalo . . .

“Iphiko lesinengiso.” Yini *isinengiso* na? “Ukungcola.” Niyabo? “Ukwenza incithakalo,” yini leyo na? “Ukuchitha.” Ukusabalala kwalokhu, ukuchitha lokho. Niyabo? Ukusabalala kwalawomandla amaRoma, ukunqoba yonke intombi elele, amaJuda nabo bonke. “Sonke sizoba abaseRoma kungenjalo ngeke sibe yilutho.” Uyophula isivumelwano sakhe phakathi kwesonto.

¹⁷⁹ “Ukusabalala kwesinengiso.” Uma kwakuyisinengiso ngesikhathi sikaJesu, ngenkathi iRoma yayiwelilele ngapho nemfundisoze yabo; kuyoba yiRoma futhi, kuyoba yisinengiso futhi kulo ibandla.

. . . ukwenza *incithakalo*, futhi aqhubeke kuze *kuphele* . . .

Uyokwenzani na? Uyokuqhuba kuze kuphele, okungukuthi, ukuphela.

¹⁸⁰ Manje, ubuJuda, nobuRoma, ubuProtestane (okungukuthi, intombi elele), bayoziqinisa ndawonye esimweni somfelandawonye wamabandla. Futhi kuyoba njengoba uJesu asho kuMathewu 24, naseZambulweni 13:14.

Asithole iSambulo 13:14, sibone ukuthi yini. Benginakho kumakwe phansi lapha, ukubona ukuthi yini, 13:14. Kulungile, mnumzane.

Futhi sabadukisa *abakhileyo emhlabeni ngezibonakaliso esazinikwayo ukuba sizenze* (siqinisa lamabandla) *phambi . . . sithi . . . phambi kwesilo; sithi kwabakhileyo, emhlabeni mabasenzele umfanekiso isilo, ebesinenxeba elibulalayo lenkemba, kepha sasinda.*

¹⁸¹ Manje, siyazi, ngale kwanoma yisiphi isithunzi sokungabaza, ukuthi lesosilo sasingubani, lawomandla ayenenxeba

elibulalayo esasindayo. Kwakungenkathi iRoma lobuhedeni libulawa, neRoma lobuphapha lathatha indawo yalo; ngenkathi amandla obuhedeni ebulawa, namandla obuphapha athatha indawo yawo.

¹⁸² Manje, manje, iZambulo 13:14. UJesu, kuMathewu 24, wabexwayisa ngakho. “Umfanekiso kuso isilo.”

¹⁸³ UPawulu, kwabaseThesalonika besiBili isahluko 2, ivesi 3 nele 4. Asikuthole, sibone uPawulu, ukuthi uthini lapha ngakho. LowoMoya oNgcwele omkhulu kulomprofethi omkhulu weNkosi, sibone ukuthi wathini ngakho osukwini lokugcina. KwabaseThesalonika besiBili, isahluko 2 kuyilokho. Kulungile, mnumzane. Futhi siqale ngevesi 3, ngikhulwa ukuthi yikho. Kulungile, asifunde manje. Lalelisani, wonke umuntu. Bangaki kokholwayo ukuthi uPawulu wayegcwaliswe ngoMoya oNgcwele na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Amen. Qaphelani lapha.

Makungabikho-muntu onikhohlisayo nangayiphi indlela; ngokuba lolosuku aluyikufika, kungaveli kuqala ukuhlubuka, . . .

Uzama ukukukhipha ekhanda labo ukuthi Uza ngalesosikhathi impela. Wathi, “Kuzobakhona ukuhlubuka eBandleni, kuqala,” niyabo, kuze ngapha kuloNyaka waseLawodikeya.

. . .kwa re- . . .kwambulwe umuntu wesono, . . .

“Umuntu wesono,” ukungakhulwa kuMoya oNgcwele. Ukungakhulwa kwambulwe.

. . .indodana yokulahlwa;

Njengoba wayenjalo uJuda; umphathisikhwama webandla.

Omelana nakho konke nozikhukhumeza phezu kwakho konke okuthiwa uNkulunkulu, noma into ekhonzwayo; aze azihlalise ethempelini likaNkulunkulu ezishaya uNkulunkulu, . . .

Mfowethu, ukhona yini umuntu emhlabeni, ngaphandle kweVatican, owenza lokho na? Ikuphi na?

¹⁸⁴ Manje, qhubekani niye ngapha eZambulweni 13, futhi nginikhombise ukuthi lomuntu uhlezi phezu komuzi . . . emzini, nomuzi uhlezi phezu—phezu kwamagquma ayisikhombisa. Nezibalo zezilo zingamakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha—nesithupha, kubhalwe nge—ngesiLatini . . . uhlu lwezinhlamvu zamagama esiRoma, ngamakhulu ayisithupha namashumi ayisithupha—nesithupha, ngu *VICARIVS FILII DEI*, okungukuthi, “Esikhundleni seNdodana kaNkulunkulu,” esihlalweni sobukhosi sikaphapha. Nesihlalo sakhe, sinomqhele ohlangene kathathu. Futhi ngike ngawubuka ngqo umqhele, ngama ngasondela njengesandla sami ebusweni bami, kanjalo, futhi—futhi ngawubona umqhele ohlotshisiwe kaphapha

khona lapho eVatican, qobo lwami, ngama ngawubuka, ngibe nesiqiniseko ukuthi ngiyazi ukuthi ngangikhuluma ngani. “Umelana, yena qobo lwakhe ngaphezu kwakho konke okuthiwa uNkulunkulu, onke amadoda amesabayo uNkulunkulu. Ungongwele kunawo onke; uhlezi ethempelini likaNkulunkulu, ezikhombisa nje ukuthi unguNkulunkulu,” ethethelela izono emhlabeni, nokunjalo, niyazi. Impela.

¹⁸⁵ UPawulu wathi, “Lokho kuhlubuka kuzofanele kufike kuqala, leyondodana yokulahlwa yembulwe.”

Anikhumbuli yini, ukuthi, ngisekhona kini, nganitshela lokho na?

¹⁸⁶ O, ngangingakuthanda ukuhlala lapho, ngilalele uPawulu eshumayela lokho. Naningeke nina na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] We! Ngangingathanda kanjani ukumlalela. O, he!

¹⁸⁷ Manje uzokwenzani na? “Umfanekiso kuso isilo.” AbaseThesalonika besiBili. Manje lalalani. Lalelisani manje, eduze impela. Ibandla lase likuzwa vele ukuza kukaphapha. Kuyini na? Ukuphela kwalowonyaka webandla, uPawulu. Bayibona lento yamaNikolawu ukuthi yayiqubuka; babezokwenza umuntu ongwele, (kukuphi na?) uphapha. Ubuzwe namakhosi ohlanga ayesengene ngokunyanya ebandleni, futhi eguqula uhlelo lokukhonza. UPawulu, enoMoya oNgwele, wayesekubambile lokho eMoyeni. Nebandla, namaklasi alo nezikhulu, abantu abanesithunzi, nokunjalo, ukuthi base bebonile ukuthi kwakuza okuthize. NoMoya oNgwele wawubexwayisa ngezinsuku zokugcina. Anikhumbuli ukuthi uJesu wakhuluma kanjani ngakho na? Imisebenzi yamaNikolawu, okwathi ekugcineni yaba yimfundiso, yaseke iba yinhlangano! Bazalwane, asikho ebumnyameni manje. Khumbulani, niyabo. Nakhu lapho esikhona.

¹⁸⁸ Imisebenzi yamaNikolawu, inhlangano iqala phakathi, izikhulu ezinkulu, naphezu kwamabandla, nokunjalo, kwase kubunjelwa ebandleni eliKatolika. Futhi uPawulu wathi ngeke sabakhona isikhathi sokuphela, ngeke sabakhona isikhathi, kuze kube ukuhlubuka kwangempela, ekuKholweni kwepentekoste. UkuKholwa kwepentekoste kuyosuswa, nezikhulu ziyongena. Ziyoba nomuntu oyothatha indawo kaNkulunkulu, ahlale ethempelini likaNkulunkulu, futhi amelane, qobo lwakhe phezu kwabo bonke abantu kanjalo. Futhi, khona, niyabo, kuyini na? *Nickao*, “enqoba abantu abangafundele lutho.” Niyabo? “Konke okuthiwa uNkulunkulu; uyongena ethempelini lakhe likaNkulunkulu, njengoNkulunkulu.” UPawulu wathi, “Kuyobakhona ukuhlubuka, kuqala, ngezinsuku zokugcina.” Futhi nakhu silapha, khona lapha manje, futhi sibona lokho kuhlubuka,

futhi sibona ibandla lideda lideda kakhulu kuLo, futhi libuyela emuva ngqo futhi. Futhi sisesikhathini sokuphela. Kulungile.

¹⁸⁹ Manje, uma amasonto angamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye eshaya ngokuphelele, namaJuda asesezweni lawo lendabuko manje, nonyaka webandla labeZizwe ushaye khona impela esikhathini sokuphela, kuya esikhathini samaNikolawu... noma esikhathini saseLawodikeya; kusondele kangani ukuFika kweNkosi, ukuphela kwezinto zonke, ukuphela kwalonyaka, noHlwitho na? Kothi nje Ingaqala elosonto lamashumi ayisikhombisa, noma iminyaka eyisikhombisa, iBandla selihambile.

¹⁹⁰ Niyakubona, bangane na? Phakamisa isandla sakho uma ukubona. Niyabo? Manje, asingabi abantwana. Asingabe sisatekula. Sisesikhathini sokuphela. Kukhona okuzokwenzeka. Sisekupheleni. Nakhu silapha.

¹⁹¹ Lamasonto angamashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye ashaya ngokuphelele; ukuhamba kwamaJuda kushaya ngokuphelele; unyaka webandla ushaya ngokuphelele. Sisesikhathini sokuphela, isikhathi sokuphela, unyaka webandla laseLawodikeya, ukuphela kwawo. [UMfowethu Branham usebenzisa umfanekiso webhlekbhode—Umhl.] Izithunywa eziyizinkanyezi zonke ishumayele umlayezo wazo. Usuhambile. Sesigudla osebeni nje. AmaJuda belibuya iminyaka engamashumi amane. Asezweni lawo lendabuko.

Yini ezokwenzeka ngokulandelayo na? Ukufika kweTshe. Silapho-ke. Kuyokwenzeka ngasiphi isikhathi na? Angazi. Kodwa, mfowethu, okwami, ngifuna ukulungela. Ngifuna izingubo zami zonke zilungele.

¹⁹² Manje, nje sine nje—nje sinemizuzu embalwa kakhulu, futhi ngifisa sengathi beningalalela ngokuthula manje umzuzu nje.

Kothi nje Ingaqala isonto lamashumi ayisikhombisa, noma iminyaka eyisikhombisa, iBandla selihambile. Manje lalalani. Ngiyacaphuna futhi, ngiphinda ukucaphuna, ukuze ningakhohlwa. Yilokhu uMoya oNgcwele okubeke phezu kwepeni lami ngenkathi ngisabhala. Sisonyakeni waseLawodikeya. UKristu unqatshwa yibandla laKhe uqobo. Inkanyezi yalonyaka, uMlayezo, uphumile. NoIsrayeli usezweni lakhe. Niyabona ukuthi sikuphi na? Sisekupheleni.

Manje, okunye ukuphawula okukodwa nje noma okubili.

¹⁹³ Konke lokhu manje esikubonayo, kuzosisiza, ngomusa waKhe, njengoba sikhuthalela ukusondela kuleziziMpawu eziyisiKhombisa zokugcina. Niyabona ukuthi besizokugeja kuphi na? Kusukela eZambulweni 6:1 kuya eZambulweni 19:21, besizokugeja, ngoba, niyabo, besizozama ukukusebenzisa emuva *lapho*, kulonyaka wabeZizwe; lapho, niyabo, kungapha kulonyaka. [UMfowethu Branham usebenzisa umfanekiso webhlekbhode—Umhl.] Niyabo?

Manje, sikufakazisile ngeZwi likaNkulunkulu, nangomlando, nangakho konke, nangezibonakaliso zezikhathi, ngezinsuku, ukuthi akukho okunye okusasele. Sisekupheleni kwabeZizwe. Sizozizokwenzenjani ngakho na? Ngumphefumulo wami nomphefumulo wakho; yimpilo yami nempilo yakho; yimpilo yabathandekayo bethu. Sesimbambathane isikhathi eside kakhulu. Sibenezinto eziningi kakhulu kalula. Kungcono sinyakaze. Isikhathi sihambile kunoma nicabanga, khumbulani nje.

¹⁹⁴ Manje, inkulumo-mbiko eyethusayo, uma ufuna ukuyibhala phansi. Lalelisisani, ngiyacela. Lokhu ukuphawula kwami kokugcina, okulandela kukho; nginentwanyana encane lapha emva kwalokhu nje, inothi elincane engifuna ukukhuluma ngalo. Manje phumulani umzuzwana nje futhi nilalelisise, ngininike into ethize eyethusayo, ukuba ingene ngqo kulokhu. Niyabo?

Akukho ngisho ububanzi bobukhali bomese phakathi kokuphela kwalonyaka nokuFika kukaKristu. Yonke into, akukho okunye okusasele. Ngabe uIsrayeli usekhaya lakhe lendabuko na? Siyakwazi lokho. [Ibandla, “Amen.”—Umhl.] Ngabe sisoNyakeni waseLawodikeya na? [“Amen.”] Ngabe uMlayezo walonyaka wepentekoste uphumile, ukuyozama ukunyakazisa abantu babuyele eSibusisweni sepentekoste lokuqala na? [“Amen.”] Ngabe sonke isithunywa sedlula onyakeni, into efana impela nje na? [Amen.”] Ngabe izizwe zivukela izizwe na? [“Amen.”] Umashaya-abhuqe wesifo na? Ngabe khona indlala ezweni namhlanje, iBandla leqiniso lishayela amamayela angamakhulu lifuna ukuzwa iZwi likaNkulunkulu na? [“Amen.”] “Kungabi ngeyesinkwa sodwa, kepha kube ngeyokuzwa iZwi likaNkulunkulu.” Nakho kufika indlala. [“Amen.”] Kunjalo na? [“Amen.”] Ngani, sihla khona impela phakathi kwayo, khona lapha manje. [“Amen.”] Niyabona ukuthi sikuphi na? [“Amen.”] Silindele leloTshe.

¹⁹⁵ Inkulumo-mbiko eyethusayo! Kusukela esikhathini uNkulunkulu enza ngaso isethembiso kuAbrahama... Ningakugeji lokhu. Kusukela esikhathini uNkulunkulu enza ngaso isethembiso kuAbrahama, uGenesisi 12:3, kuya esikhathini sikaKristu enqatshwa ngo 33 uJesu azalwa, ngamaJuda; ngokwabaseGalathiya 3:16 ne 17, nangokwelika Usher’s, U-s-h-e-r’s, ihlelo likaUsher’s lezikhathi zokwenzeka kwezinto emilandweni yamaHeberu; amandla kaNkulunkulu ayenamaJuda impela iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye namashumi amahlanu-nane. UNkulunkulu waphathelana namaJuda iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye namashumi amahlanu-nane, ngokwehlelo lezikhathi zokwenzeka kwezinto kumaJuda, nangokwabaseGalathiya 3:16 ne 17. Ngineminye eminingi imiBhalo, kodwa nje ukunikeza lowo.

Bese, emva kokuba esemenqabile uKristu, Waphendukela kwabeZizwe, ukuthathela abantu iGama laKhe. Nifuna umBhalo walokho, indawo? IZenzo 15:14.

¹⁹⁶ Manje, ngokubala isikhathi, sithola ukuthi sineminyaka (lalelani) eyishumi nesikhombisa ngqo esele, futhi siyoba nebanga elifanayo lesikhathi esinikwe sona, njengoba uNkulunkulu ephathelana nathi ngamandla kaMoya oNgcwele, kusukela ngo 33 uJesu azalwa kuze kube u 1977. Ibanga elifanayo lesikhathi, seminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye namashumi amahlanu-nane, uNkulunkulu uphathelana nathi ngokufanayo njengoba Enza kumaJuda. Nithini ngalokho na!

¹⁹⁷ Manje, kumake phansi encwadini yakho, umBhalo omncane lapha engifuna ukuninika wona. ULevitikusi 25, kuqale ngevesi 8. UNkulunkulu wabiza ijubili, njalo ngonyaka wamashumi amane-nesishiyagalolunye. Unyaka wamashumi amahlanu wawuyijubili. Siyakwazi lokho. Siyakuqonda lokho. Kusukela ejubilini lokuqala, likaLevitikusi 25:8, ngo 1977 kuyoba yijubili lamashumi ayisikhombisa, kwenza ngqo iminyaka eyizinkulungwane ezintathu amakhulu amane namashumi amathathu. *Jubilee*, kusho, “Ukwenyuka! Ukukhulula!”

O, sibheke ukufika kwaloloSuku lwenjabulo lwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, Lapho iNkosi yethu ebusisiweyo iyofika ihlwithe uMlobokazi waYo olindileyo;
O, izwe liyabubula, likhalela lolosuku lokukhululwa okumnandi,
Lapho uMsindisi wethu eyobuyela emhlabeni futhi.

¹⁹⁸ Nikutholile lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UNkulunkulu uphathelane nathi ngesilinganiso sesikhathi esifanayo impela Aphathelana ngaso namaJuda. Kusekela esikhathini Anika ngaso uAbrahama isethembiso, kuze kube ukwenqatshwa kukaMesiya ngo 33 uJesu azalwa, kwakuyiminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye namashumi amahlanu-ne. Futhi manje sineminyaka eyishumi nesikhombisa esele. Sibeneminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalololunye namashumi amathathu-mento. Sineminyaka eyishumi nesikhombisa esele, kuze kube u ’77, kuyoba yijubili lamashumi ayisikhombisa kusukela ekuqaleni kwejubili. Futhi liyoba yini na? O, mfowethu! Qaphela ngokusondele manje. Ningakugeji. Kuyoba yijubili lokwenyuka koMlobokazi wabeZizwe, nokubuyela kukaKristu eJuden, uma esephuma ebugqilini. Amen! Aniboni na? Kusukela kulo lonke izwe, abuthanele lapho ngenxa yalolosuku. O, he! Niyabona ukuthi sikuphi na? Asazi ukuthi yisiphi isikhathi okungahle kwenzeke ngaso. Sisesikhathini sokuphela.

¹⁹⁹ Manje lalalani. Kinina bantu abadala e—ebandleni, osuhlale lapha isikhathi eside, ngifuna niqaphele okuthize. Angizange ngikufunde lokhu kuze kwaba yizolo; ngikucoshe kusomlando, uPaul Boyd, bese-ke... Futhi ngilandele umkhondo wakho kusuka emuva emiBhalweni, ngacosha lezi ezinye izinsuku zezinyanga lapha, nokunjalo, futhi ngakuthola, futhi ngahamba nakho, ngalandela umkhondo wakho.

²⁰⁰ Manje, ngo 1933, ngenkathi sikhonza ngapha eMasonic thempeli, lapho ibandla likaKristu limi khona namhlanje. Lulunye ku Apreli ekuseni, ngaphambi kokuba ngisuke ekhaya...

Nganginikela imoto yami. Ngathola imoto eyimodeli ka '33, futhi ngangiyinikela emsebenzini weNkosi. Futhi embonweni, ngabona isikhathi sokuphela. Manje qaphelani kuthi kwethusa kanjani lokhu, emuva ngaleya ngenkathi ngisengumfana nje. Futhi ungazibonela ukuthi imoto eyimodeli ka 1933 yayibukeka injani, manje, ukuthi yayibukeka kanjani.

Futhi ngaya ngale eMasonic thempeli, lapho... Abanye benu bantu abadala phakathi lapha uyakhumbula. Kubhalwe phansi ephepheni elidala, ekhaya. Sekuvele kubhalwe kwaba yincwadi futhi kwaphumela emhlabeni jikelele. Niyabo? Lokho kwakungo 1933. Futhi ngabikezela ukuthi kwakuzobakhona indaba enkulu esabekayo eyenzeka kuleUnited States ngaphambi noma ngonyaka ka 1977. Bangaki kongikhumbulayo ngisho lokho na? [Abantu abadala bathi, "Amen."—Umhl.] Bukani esandleni. Impela.

²⁰¹ Manje qaphelani. Ngabikezela izinto eziyisikhombisa kwakuseseqwenziweni kwe... ngaphambi kwalokhu ukuphela okukhulu noma into enkulu eyayizokwenzeka lapha eUnited States, into ethize enkulu embi kabi. Ngathi...

Manje khumbulani, lokhu kungaphambi kokuba kuqale. Ngathi sizongena eMpini yesiBili yoMhlaba. Bangaki abakhumbulayo bengizwa ngikusho na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. IMpi yesiBili yoMhlaba! Ngathi, "UMongameli okhona manje..." Ngikukopishile lokhu embhalweni omdala, nokho, into endala izolo, ukuthi, "UMongameli esinaye manje," owayekhona... Bangaki kokhumbulayo ukuthi kwakungokukabani na? [Umfowethu uthi, "uFranklin Roosevelt."] UFranklin D. Roosevelt. Ngathi, "UMongameli esinaye ophakathi manje uzophatha kuze kube ngisho isikhathi sesine," wayesekokokuqala ngalesosikhathi, "uyophatha isikhathi sesine, futhi siyothathwa sisiwe eMpini yesiBili yoMhlaba."

²⁰² Ngathi, "Umbusi ongaphikiswa odlondlobalayo manje eItaly, okunguMussolini, uzongena embusweni. Futhi uyoya e-Ethiopia, futhi iEthiopia iyowela ezinyathelweni zakhe." Kukhona abantu abahlezi lapha manje owaziyo, ukuthi kukhona

iqembu labantu elifika lama, ngenkathi nginomhlangano wami eHholo kaRedman ezansi lapho ngalobo busuku, ngenkathi ngangizokwehlela lapho ukuyoshumayela lokho, iHholo kaRedman, futhi babezongiphosa ngaphandle ehholo ngokusho into enjalo. [UDadewethu Wilson uthi, “Amen. Kunjalo.”—Umhl.] Yebo. Yebo. Nkk. Wilson, ngiyazi u... [“Kunjalo.”] Kunjalo. Ngenkathi ngisho lokho... Kodwa ngabe wakwenza na? “Kodwa,” ngathi, uyophelela ehlazweni,” futhi wakwenza. Yena nowesifazane ayegijima naye, wabhekiswa phansi futhi waphanyekwa ngentambo emgwaqeni, izinyawo zabo zibheke phezulu, izingubo zabo zilenga zibheke phansi. Kulungile, lokho kwafezeka.

²⁰³ Ngase ngithi, “Abesifazane usevunyelwe ukuvota. Okuyihlazo uqobo phezu kwesizwe. Futhi, ekuvoteni, ngelinye ilanga bayokhetha indoda engafanele.” Futhi bakwenza lokho kulolukhetho lokugcina. He, he! Okune... (Ngathi, “Isayense iyoqhubekela phambili ngangokuthi...”) Qha, lapha, lokho okwesithathu. Ngiyaxolisa.

²⁰⁴ Nakhu okulandelayo, lapho, okwesine. Ngathi, “Impi yakithi iyoba neJalimane, futhi bayokwakha indawo enkulu kakhonkolo futhi baziqinise lapho, namaMelika ayokwehlulwa kabuhlungu.” UNkulunkulu uSemandla uyazi, Lowo engimi phambi kwakhe manje, ngiwabonile lawomaNazi azibusayo ekhahlela amaMelika kanjalo, nezinto, kulolodonga. [Umlisa ebandleni uthi, “Amen.”—Umhl.] Futhi kukhona abafana abaningi abemi lapha manje owayekulowoMugqa iSiegfried, owaziyo ukuthi kwakuyini. [“Amen. Yebo, mnumzane. Amen.”] Futhi khumbulani, lokho kwakuyiminyaka eyishumi nanye ngaphambi kokuba kwakhiwe uMugqa iSiegfried. Ngabe uNkulunkulu uqinisele na? [Ibandla lithi, “Amen.”] Ngabe Usazisho izinto zingakenzeki zenzeke na? [“Amen.”] Qaphelani. Yilokho, lokho kwakungokwesine.

²⁰⁵ Manje into yesihlanu. “Isayense iyoqhubekela phambili ngangokuthi bayoze bakhe imoto engeke idinge ukuqondiswa ngesitelingi. Nezimoto ziyiqhubeka zenziwe zimisise okweqanda, kuze kube ukuphela, isikhathi sokuphela. Ngibone umndeneni wamaMelika wehla ngomgwaqo, ngendlela ebanzi, ugibele imoto befulathele lapho okufanele ngabe kukhona khona isondo, kwakubukeka sengathi babedlala umlabalaba noma amakhadi.” Futhi sinayo. Ikwitelevishini. *IPopular Science, Mechanics*, njalo, bonke banayo. Sinayo imoto. Ilawulwa yisilawuli esingaxhunywe-ndawo, yisibonisi i-iradar. Ngeke babenaso ngisho isitelingi kuyo. Uvele nje ubeke isigwedlo sakho kanje, njengoba usuke ugwedla ifoni yakho, nemoto yakho ikuthatha ikuyise ngqo kukho; ingeke ishayise, nalutho, akukho-moto ezinye. Uzibuthe uyaziphebeza zonke ezinye kuwe. Niyabo? Banayo. O, he! Kucabange. Kwabikezelwa emashumini amathathu eminyaka kungakenzeki!

206 Manje, lokho-ke kusiletha okhethweni lukaMongameli Kennedy.

Nalemoto ivela o—obala, kuletha izinto ezinhlanu (kweziyisikhombisa) okwenzeke impela.

207 Manje, ngibikezele, futhi ngathi, “Ngabona owesifazane omkhulu esukuma, ebukeya emuhle, egqoke eziphambili ngempela ezibubende zasebukhosini. Futhi nginobakake abancane ezansi lapha, “(Wayengumbusi omkhulu eUnited States; mhlawumbe ibandla eliKatolika.)” Owesifazane, omunye wesifazane; angazi ukuthi kuzoba yibandla eliKatolika. Angazi. Ngeke ngasho. Into kuphela engiyibonile, ngibone owesifazane, kwaba yilokho kuphela.

208 Kodwa lesi yisizwe sabesifazane. Lesisizwe siyinombolo yeshumi nantathu, esiprofethweni. Sinemisho eyishumi nantathu, izinkanyezi eziyishumi nantathu. Saqala ngezifiki eziyishumi nantathu. Ishumi nantathu, ishumi nantathu, yonke into yishumi nantathu. Sibonakala esahlukweni 13 seZambulo, ngisho. Siyishumi nantathu. Futhi siyisizwe sowesifazane.

209 Izinkantolo zezahlukaniso eMelika ziveza eziningi izehlukaniso, ngabesifazane bakithi, kunazo zonke ezinye izizwe. Ukuziphatha ezweni lakithi kuphansi, nezahlukaniso, kunanoma kunjalo eFransi noma eItaly, lapho ubufebe busemgwaqeni. Ngakho, kodwa bayizifebe; abakithi ngabesifazane abashadile bezama ukuhlala namadoda amaningana, namadoda amaningana ashadelwe ezama ukuhlala nabanye besifazane.

210 Ezizweni lapho benesithembu khona, kungcono ngokuphindwe kankulungwane. Kepha, nokho, isithembu sibi, siyazi. Kodwa, ukukhombisa nje ukuthi sehle isithunzi kangakanani.

211 Nginesiqephu phezulu lapho esiphuma ephepheni, esakhombisa khona ukuthi ngenkathi abafana bakithi abangamaMelika beye phesheya kwezilwandle, kulempi yokugcina, ukuthi ngaphezu, ngikholwa ukuthi, kwakulapha emaphesenteni angamashumi ayisikhombisa. . . Ngani, manje, ake nime kancane, ngikholwa ukuthi kwakungabathathu kwabane abaya phesheya kwezilwandle, bafakwa isehlukaniso ngumkabo ngaphambi kokuba babuye. Futhi kuyizihloko ezinkulukazi kuthi, “Kwenzenjani ebuqothweni babantu bakithi abangamaMelika na?” Niyakhumbula nikubona na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Nonke nakubona, ngiqagele. “Kwenzenjani ebuqothweni babesifazane bakithi abangamaMelika na?” Imishini, besebenza ngaphandle ngaleya namanye amadoda. Yisizwe sabesifazane. Izoba nani na? Unkulunkulu wesifazane, noma unkulunkulukazi.

212 Manje, kwathi, emva kwalokho, ngaphenduka ngabuka. Futhi ngabona leUnited States isha njengokusha komlotha,

amadwala ayekade eqhume asakazeka. Futhi yayisha njenge—njengenqumbi yomlilo ezingodweni, noma into eyokhelwa umlilo. Futhi ngibuka la kuphela khona amehlo ami, futhi yayiqhume yasakazeka. Nombono wase ungishiya. Emihlanu kwemithathu wenzekile. . . noma emihlanu kweyisikhombisa, njalo, wenzekile.

²¹³ Futhi nakhu kufika kujikeleza futhi kuyakhombisa. Ngase ngibikezela. Angizange ngisho ukuthi iNkosi yangitshela lokho, kodwa, ngimi ngalokhokusa ebandleni, ngathi, “Indlela inqubekela phambili. . .” Ngabayela emuva ekugcineni kodonga lwabo, futhi ngagijima ngaya ekugcineni kolunye udonga. Futhi ngathi, “Indlela inqubekela phambili eyenzeka ngayo, ngizobikezela ukuthi isikhathi. . . Angazi ukuthi ngikusholoni. Kodwa ngibikezela lokho ukuthi konke kwenzeka phakathi kwamanje nje, ngo 1933, no 1977.”

Futhi ngingakwazi, uNkulunkulu uyayazi inhliziyoyami, bengingakaze ngikwazi kwaze kwaba yizolo, ukuthi u 1977 uyijubili, futhi ngempela ngubungako obufanayo besikhathi saphela Asinika uIsrayeli, nayo yonke into ekupheleni. Ngakho sise. . . Futhi silapha ekupheleni konyaka, ekungeneni kwesonto lamashumi ayisikhombisa. Asazi ukuthi sikhathi sini iBandla eliyobe selihambe ngaso. O, he! Yini esingayenza, bangane na? Sikuphi na?

²¹⁴ Niyabona ukuthi siyini manje na? [Ibandla, “Amen.”—Umhl.] Seniyaliqonda isonto lamashumi ayisikhombisa likaDanyeli manje na? [“Amen.”]

Niyabo, manje, uma singena kuleziziMpawu nezinto, siqhekeza leziziMpawu. Kuvela olokuqala, umgibeli wehashi elimhlophe, futhi unomnsalo esandleni sakhe. Qaphelani ukuthi lowomfo ungubani. Qaphelani lowomgibeli wehashi elimpofu emva kwakhe. Niyabo? Qaphelani ukuthi ubani, futhi bukani ukuthi bangena kanjani. Qaphelani lezozinkulungwane eziyikhulu namashumi amane-nane zingena. Qaphelani leyontombi elele uma ikhuphuka. Bese niqaphela zonke lezizinto zenzeka, ukuthululwa kweZitsha, oMaye, omoya abathathu abangcolileyo abafana nezingxangxa. Qaphelani lezizinto ukuthi zingena khaxa kanjani kulezozinhlopho, impela nse uma zithululwa. Njalo uma kuvulwa uPhawu, uhlupho luyathululwa, bese kufika imbubhiso. Futhi qaphelani ukuthi kwenzekani njengamanje ekupheleni.

²¹⁵ Futhi, o, qaphelani lababaprofethi abathathu. . . noma lababaprofethi ababili, uma bevuka lapha. Futhi phakathi kwesonto, bayanqunywa kanjalo, bese kuqala iMpi yaseArmagedoni. Bese uNkulunkulu eqala ukukhuluma, qobo lwaKhe, bese Eyama futhi aqale ukulwa. Labobaprofethi bashaya umhlaba. Bashumayela iGama likaJesu Kristu. Babhaphathiza ngendlela efanayo. Benza into efanayo

amapentecostal, obaba abayenzayo, futhi abanengi bayabalandela. Kodwa lowo owenza umfelandawonye, leyonhlangano, yaqhubeka yehla ngqo, futhi ngisho namandla alabo baprofethi awayephulanga. Futhi ekugcineni bathi, “Sizoyenza yonke ibe yinhlangano eyodwa.” Futhi ungenisa (kuyini na?) isinengiso, ubuRoma, ukusabalalisa yonke into, eyenza incithakalo. “Isinengiso esenza incithakalo,” kungeniswa yonke into, “ukungcola.”

²¹⁶ Khumbulani, isifebe esingumama esidala sikhwele isilo, sembethe ezibomvu kanjalo, sasinamakhanda ayisikhombisa nezimpondo eziyishumi. Niyakukhumbula lokho na? “Futhi siphethe isitsha ngesandla saso, sokungcola kwamanyala aso.” Leyo kwakuyimfundiso yaso esayikhiphela kubantu. Futhi nakho lapho esikhona thina, bazalwane bami. Sisesikhathini sokuphela.

²¹⁷ Bantwanyana, ngeke sazi neze, singahle singaphili ukuba sikwazi ukubuyela emuva futhi kulobubusuku. Singahle singaphili ukuba sibuye sibonane futhi. Angazi. Kodwa, ukuphela sekusondele kakhulu, ukuphela kuseduze kakhulu. Nanku umBhalo. Bukhona nje ngokoqobo, ngokuphelele, ubufakazi bomBhalo.

²¹⁸ Manje, uma kukhona into eningazange niyiqonde, ngibhaleleni inothi futhi ningazise ngakho. Niyabo? Nisho okuthize. Abanye benu bazalwane phandle lapho emateyipini, kwezinye izingxenye, uma kukhona enginganisiza ngakho, ngaziseni. Ningahle ningavumelani nami, futhi ngingahle ngingavumelani nenhlangano yenu; akusinina, kodwa inqubo yenhlangano yenu. Angivumelani nabantu abangamaKatolika. Angisho ukuthi angibathandi abantu abangamaKatolika, angibathandi abantu benhlangano. Akusikho lokho. Ngibathanda bonke abantu, kodwa angivumelani naleyonqubo enigcina niboshelwe phansi. Yilokho, inqubo yakho. Yilokho.

²¹⁹ Ngangingamelene neJalimane; kwakungumbuso wamaJalimane. Ngangingamelene namaNtaliyane; kwakungukumelana no-nombuso wamaNtaliyane. Futhi khumbulani, ngenza esinye isibikezelo ngalesosikhathi, isibikezelo nje, futhi abanengi benu bantu abadala niyasikhumbula. Ngathi, “Kukhona imibuso emikhulu emithathu ezama ukubamba izwe namhlanje: umbuso Fascism, umbuso Nazism, nombuso wamaKhomanisi.” Futhi ngathini na? “Yonke yayizophelela embusweni wamaKhomanisi.”

²²⁰ Futhi ngase nje nginiphindisa khona nonke, “Amehlo enu awaqaphele iRashiya.” Niyakukhumbula lokho na? “Amehlo enu awaqaphele iRashiya. Lonke lizophelela embusweni wamaKhomanisi.”

Kuyobe-ke konke sekuphelela, ekugcineni ebuKatolikeni. Khumbulani, konke kuyophelela ebuKatolikeni esikhathini

sokuphela. Kunjalo impela. Lokho kuseMpini yaseArmagedoni, khona ngapha phakathi *lapha* lapho uKristu esefika, uqobo lwaKhe.

²²¹ Kodwa lababaprofethi abathathu. . . Leminyaka emithathu nengxenye eyodwa, njalo, lokho yiZambulo 11:3, nikufundile izikhathi eziningi, “Ngibanika ofakazi baMi ababili amandla ukuba baprofethe izinsuku eziyinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha.” Kungaki, izinsuku eziyinkulungwane namakhulu amabili namashumi ayisithupha na? Iminyaka emithathu nengxenye. “Bayobe sebulawa-ke esitaladini,” khona impela phakathi kwalelisono lamashumi ayisikhombisa.

Ngakho, niyabona ukuthi amasonto angamashumi ayisikhombisa kaDanyeli akuphi na? Niyabona ukuthi siphila kuphi na? [Ibandla, “Amen.”—Umhl.] Sisekupheleni, bangane bami abathandekayo. Sisekupheleni. Izinsuku. . .

Izizwe ziyehlukana, uIsrayeli uyaphaphama,
Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo;
(Nakhu sikhona.)
Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, (*lapha*)
ngokwesaba okukhulu okuthiyayo;
“Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini.”

Asilicule:

Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zabantu zehlulwa ukwesaba;
Gwaliswani ngoMoya, izibani zenu
zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu, ukuhlengwa kwenu
sekuseduze!

O, he! Akumangalisi lokho na?

Izizwe ziyehlukana, uIsrayeli uyaphaphama,
Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo;
Izinsuku zabeZizwe zibaliwe, ngokwesaba
okukhulu okuthiyayo,
“Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini.”

Manje kanyekanye.

Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zabantu zehlulwa ngokwesaba;
Gwaliswani ngoMoya, izibani zenu
zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu, ukuhlengwa kwenu
sekuseduze!

Ake nginiculele ivesi elincane.

Abaprofethi bamanga baqamba amanga,
iQiniso likaNkulunkulu bayaliphika.
Ukuthi uJesu uKristu unguNkulunkulu wethu;

BaMenza omunye uMuntu wesithathu. Niyakwazi lokho. Kodwa, Akasuye. UnguNkulunkulu wethu.

Kodwa sizohamba lapho abaphostoli
benyathele khona.
Ngokuba usuku lokuhlangwa seluseduze,
Izinhliziyo zabantu zehlulwa ukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu
zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu, ukuhlangwa kwenu
sekuseduze!

²²² Anijabuli na? Sibuyele eMlayezweni, mfowethu!
Sibuyele kokokuqala! Sibuyele epentekoste! Sibuyele
esibusisweni sangempela! Sibuyele eGameni likaJesu Kristu!
Sibuyele embhaphathizweni kaMoya oNgcwele! Sibuyele
ezibonakalisweni nasezimangalisweni! Sibuyele epentekoste!
Susa inhlango! Sibuyele kuMoya oNgcwele! UnguThisha
wethu.

Ngokuba usuku lokuhlangwa seluyasondela,
Izinhliziyo zabantu zehlulwa ukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu
zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu, ukuhlangwa kwenu
sekuseduze!

²²³ Akumangalisi lokho na? Wathini umprofethi na?
“Kuyobakhona isikhathi lapho okuyothi khona, ungeke uthi
ubusuku noma imini.” Bukani ukuthi bekunjani. Niyabo? O,
kabi kakhulu, eminyakeni yebandla!

Kepha ku—kuyobakhona ukuKhanya
ngesikhathi sokuhlwa,
Indlela eya eNkazimulweni niyoyifumana;
Endleleni yamanzi ngukuKhanya namhlanje,
Ningcwatshwe eGameni likaJesu eliligugu.
Bancane nabadala, phendukani ezonweni zenu
zonke,
UMoya oNgcwele ngempela uyongena;
LeziziNkanyiso zakusihlwa sezifikile,
Kuyisiminya ukuthi uNkulunkulu noKristu
baMunye.

Kuyobakhona ukuKhanya (Sonke
kanyekanye!) ngesikhathi sokuhlwa,
Indlela eya eNkazimulweni impela
niyoyifumana;
Endleleni yamanzi ngukuKhanya namhlanje,
Ningcwatshwe eGameni likaJesu eliligugu.

Bancane nabadala, phendukani esonweni senu
sonke,
UMoya oNgcwele ngempela uyongena.
Ngokuba iziNkanyiso zakusihlwa sezifikile,
Kuyisiminya ukuthi uNkulunkulu noKristu
baMunye. (Ababathathu; kodwa baMunye!)

224 Sibuyele eMlayezweni! Sibuyele ekuqaleni!
Sibuyele kulokho okwafundiswa nguPawulu! Sibuyele
embhaphathizweni abhaphathizwa ngawo! Ubabonile abantu
bebhaphathizwa ngenye indlela; wabatshela ukuba beze
baphinde babhaphathizwe futhi. Wathi, “Uma iNgelosi
evela eZulwini, ishumayele noma yini enye into, Mayibe
ngeqalekisiweyo.” Ngakho, kungukubuyela eMlayezweni futhi,
mngane! Yisikhathi sokuhlwa.

225 O, ngiMthanda kakhulu kangaka! Aninjalo nina na? [Ibandla
lithi, “Amen.”—Umhl.] Bangaki obona isonto lamashumi
ayisikhombisa likaDanyeli manje, futhi abone ukuthi isonto
lamashumi ayisikhombisa liyini na? Bangaki okukholwayo na?
Thana, “Amen.” [“Amen!”] Amen! Makabongwe uNkulunkulu!

226 Manje, yini into elandelayo na? IziMpawu eziyisiKhombisa
manje. Soqathakela kuzo ngqo, uma iNkosi izovuma. Ukuthi
lokho kuyoba nini, angazi. Noma nje Ukwethula nini, sizobe-ke
sesingena kukho ngqo. Khona-ke sizoba nomude, umhlangano
omude, ngoba uzothatha kusukela esahlukweni 6 kuya kwese 19,
ukukuqeda, futhi nje ngicathule kancane nakho.

227 Manje, angifuni-muntu ozohamba engakuqondi kahle
lokhu. Iteyipu isadlala. Angifuni-muntu ukuba angaqondi
kahle. Ningabi ngabangaqondi kahle manje, bese nithi,
“UMfowethu Branham wathi uJesu uyofika ngo 1977.”
Angizange ngiyisho into enjalo. UJesu angafika namhlanje.
Kodwa ngibikezele ukuthi phakathi no '33 no '77 kukhona
okuyokwenzeka, ukuthi lezizinto engizibonile zifezeka,
embonweni, ziyokwenzeka. Futhi ezinhlanu zazo sekuvele
kwenzekile. Futhi ngiyakholwa, ngezinto zama atomu esinazo
manje. . .

228 Futhi nibonile yini ukuthi uMongameli wakithi usanda
kuthini na? Efuna enye impi. Ufuna ukwenza isibonelo nge-
ngeBerlin, usho njalo. Efuna ukwenza isibonelo. Kuthiwani
ngeCuba lapha emnyango ongemuva wakithi na? Akenzi ngani
isibonelo ngalokho na? Kuthiwani ngalokho na? O, ngumbhedo
nje! Niyabo?

229 O, mfowethu, sisekupheleni nje. Bazo. . .Kuzophuma
ngendlela nje uNkulunkulu athi kwakungayo, ngakho yini
i—kusizani ukwenza noma yini ngaphandle kokufunda nje
lokho Akushilo, futhi ubekahle, futhi ukulungela. Futhi makeze,
manje-ke. Sikulindele.

Sibheke ukufika kwaloloSuku lwenjabulo
 lwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane,
 Lapho iNkosi yethu ebusisiweyo iyofika
 ihlwithe uMlobokazi waYo olindileyo;
 O, umhlaba uyabubula, ukhalela lolosuku
 lokukhululwa okumnandi,
 Lapho uMsindisi wethu eyobuyela emhlabeni
 futhi.

O, iNkosi yethu ibuyela emhlabeni futhi,
 Yebo, iNkosi yethu ibuyela emhlabeni futhi,
 O, uSathane uyoboshwa iminyaka
 eyinkulungwane, asisayikuba naye-ke
 umlingi,
 Emva kokuba uJesu eyobuyela emhlabeni
 futhi.

Bangaki koselungele na? Phakamisa isandla sakho. O, he!

O, iNkosi yethu ibuyela emhlabeni futhi,

Asisukume nje futhi sixhawulane omunye nomunye.

INkosi yethu ibuyela emhlabeni futhi,
 O, uSathane uyoboshwa iminyaka
 eyinkulungwane, asisayikuba naye-ke
 umlingi,
 Emva kokuba uJesu eyobuyela emhlabeni
 futhi.

O, iNkosi yethu ibuyela emhlabeni futhi,
 Yebo, iNkosi yethu ibuyela emhlabeni futhi,
 O, uSathane uyoboshwa iminyaka
 eyinkulungwane, asisayikuba naye-ke
 umlingi,
 Emva kokuba uJesu eyobuyela emhlabeni
 futhi.

Ukubuya kukaJesu kuyoba yimpendulo osizini
 lomhlaba nokukhala,
 Ngokuba ukwazi kweNkosi kuyogcwalisa
 umhlaba, ulwandle nesibhakabhaka;
 UNkulunkulu uyosusa konke ukugula
 nezinyembezi zokuhlupheka ziyokwesuleka,
 Emva kokuba uJesu eyobuyela emhlabeni
 futhi.

O, iNkosi yethu ibuyela emhlabeni futhi,
 Yebo, iNkosi yethu ibuyela emhlabeni futhi,
 O, uSathane uyoboshwa iminyaka
 eyinkulungwane, asisayikuba naye-ke
 umlingi,
 Emva kokuba uJesu eyobuyela emhlabeni
 futhi,

²³⁰ O, he! Anizizwa nikahle na? [Ibandla lithi, “Amen! Halleluya!”—Umhl.] Cabangani, bangane, le yipentekoste, khonzani! Le yipentekoste. Asishaye izandla zethu futhi silicile. Bantu bepentekoste, wonke umuntu, manje qaqekani, khiphani kini yonke imicilikisho emidala yeMethodisti manje. Wozani, asilicile!

O, iNkosi yethu ibuyela emhlabeni futhi,
Yebo, iNkosi yethu ibuyela emhlabeni futhi,
USathane uyoboshwa iminyaka
eyinkulungwane, asisayikuba naye-ke
umlingi,

Emva kokuba uJesu eyobuyela emhlabeni
futhi,

O, iNkosi yethu ibuyela emhlabeni futhi,
(IBhayibheli lisho njalo!)

INkosi yethu ibuyela emhlabeni futhi,
USathane uyoboshwa iminyaka
eyinkulungwane, asisayikuba naye-ke
umlingi,

Emva kokuba uJesu eyobuyela emhlabeni
futhi.

Niyamthanda na? [Ibandla, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. NgiyaMthanda. *NgiyaMthanda*, Dadewethu Gibbs. O, asiphakamise izandla zethu nje manje kuYe.

Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda
Ngoba Wang’thanda kuqala
Wang’thengel’isal- . . . (Kuphi na? Khona lapha
eKalvari.)

Emthin’eKalvari.

Ng’yaMthanda, (Udumo!) ng’yaMthanda
Ngoba Wang’thanda kuqala
Wang’thengel’insindiso
Emthin’eKalvari.



Iziyalo zikaGabriyeli KuDanyeli
(*Gabriel's Instructions To Daniel*)
Julayi 30, 1961, ngeSonto ekuseni

INhloso ekasiThupha YokuHambela kukaGabriyeli kuDanyeli
(*The Sixfold Purpose Of Gabriel's Visit To Daniel*)
Julayi 30, 1961, ngeSonto kusihlwa

ISonto lamaShumi ayisiKhombisa LikaDanyeli
(*The Seventieth Week Of Daniel*)
Agasti 6, 1961, ngeSonto ekuseni

LemiLayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham okokuqala yethulwa ngesiNgisi eTabernakele lika Branham eJeffersonville, eIndiana U.S.A. Kwenziwe yonke imizamo ukwedlulisela ngokucophelela uMlayezo womlomo usuka kwiziqophamazwi zikazibuthe uye ekhasini elishicilelwe, futhi ishicilelwa lapha ingafinqiwe yamukeliswa ngabe Voice Of God Recordings. Uphindwe washicilelwa ngo 2011.

ZULU

©1998 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org